www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 215 • **MAY 2017**

# UNDUNANKULU UMNU WILLIES MCHUNU NEPHALAMENDE LABASEBENZI ENDWEDWE



Njalo ngoNhlaba okuyinyanga yabasebenzi liyaye lihlale iphalamende labasebenzi kulesisiFundazwe. Izinhlaka ezahlukeni kanye nezinyunyana ezahlukene bezihlangene enkundleni yezemidlalo eNombika eNdwedwe bezodinginda izindaba ezinhle kanye nalezo ezihlukumeza abasebenzi ezindaweni abasebenza kuzo. **Udaba ekhasini 3**





**INGQUNGQUTHELA YENHLALONHLE**
**UBUMBANO KANYE NOKUHLUMELELISWA KWEZIMILO ESIFUNDAZWENI**

**INKOMFA**

**01 - 02 JUNE 2017**

KWAMASHU CHRISTIAN CENTRE

**"Siqinisa inhlalonhle, ubumbano Kanye nokuhlumeleliswa kwezimilo ekubumbeni isizwe esichumayo KwaZuluNatali Kanye nasekwakheni kweSizwe sonke"**



**MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU**
KWAZULU-NATAL PREMIER

# OKUNGAPHAKATHI






## UNDUNANKULU UHLANGANE NABAHOLI ABAMELE IZINGXENYE ZOMPHAKATHI

**IKHASI 4**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu ubehambele indawo yaseNquthu lapho ebehlangene khona nabaholi abamele izingxenye zomphakathi ukuzolalela kuphinde kudingidwe izingqinamba ababhekene nazo kulendawo ngenhloso yokuthi kuqhamukwe nezixazululo.

## UKUBALEKA KUKABABA KWENZA UMNTWANA AKHULE EDLEBELEKILE, KUSHO UNGQONGQOSHE UTHUSI

**IKHASI 6**

Ayikho into ebalulekile njengokuba abazali bawazise umndeni ukugwema ukudlebeleka kwabantwana, kanti uma umtwana ekhuliswe ngendlela, abazali bebambisene, ukhula kahle futhi enenhlonipho.

## LIFEZEKILE IPHUPHO LIKAGOGO NGOGESI ENQUTHU

**IKHASI 8**

Abantu abadala bavukwe wumunyu basikhihla esikaNandi eNquthu ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni ezokwethula izinhlelo zokulethwa kwezidingo nokuthuthukiswa kwenhlalo yemiphakathi ehlukahlukene, nobekuhambisana nokukhanyiswa kukagesi emakhaya amaningi okokuqala ngqa.

## IHHOVISI LASEMSINGA LIZOMELA UMNYANGO WEZOLIMO ESIFUNDAZWENI

**IKHASI 12**

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali umhlonishwa uThemba Mthembu, ukhuthaze ukuzimisela nokuzikhandla kubasebenzi ukuze bewumele ngempumelelo uMnyango emncintiswaneni weSifundazwe.

## UDLUNGWANE UHAMBELE IZIKOLE ZASEMZINYATHI DISTRICT

**IKHASI 15**

Ugaleleke kwazwakala uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana ezikoleni ezine ezingaphansi kwesifunda saseMzinyathi esingaphansi kobuholi buka Mnu. Sphiwe Kheswa ongumqondisi Phakathi kwethimba ebeliphelezela uMphathiswa




## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za

**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU UMNU WILLIES MCHUNU NEPHALAMENDE LABASEBENZI ENDWEDWE

**CUTHBERT NZUZA no JOY MAKWALA**



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu kanye noSomlomo wePhalamende lesiFundazwe saKwaZulu-Natal umama Lydia Johnson.* ***Isithombe:*** ***ZANDILE SHANGE***

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Thembinkosi Mchunu, uSomlomo wephalamende lesiFundazwe saKwaZulu-Natal umama Lydia Johnson, umphathiswa wezomnotho, ezokuvakasha kanye nezemvelo uMnu. Sihle Zikalala obuye abe nguholi wezemisebenzi kaHulumeni (Leader of Government Business), umphathiswa wezeZimali umama Belinda Francis Scott, umphathiswa wezeNhlalonhle umama Weziwe Gcotyelwa Thusi, umphathiswa wezemisebenzi umnu. Ravi Pillay, umphathiswa weZolimo kanye nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya umnu Richard Themba Mthembu, uBhishobhi Vusi Dube olilunga lephalamende futhi owusihlalo wekomiti lokuxhumana nomphakathi obeshayela uhlelo njengoba bekuhleli iphalamende labasebenzi, eNombika eNdwedwe.

Njalo ngoNhlaba okuyinyanga yabasebenzi liyaye lihlale iphalamende labasebenzi kulesisiFundazwe. Izinhlaka ezahlukeni kanye nezinyunyana ezahlukene bezihlangene enkundleni yezemidlalo eNombika eNdwedwe bezodinginda izindaba ezinhle kanye nalezo ezihlukumeza abasebenzi ezindaweni abasebenza kuzo.

Ethula inkulumo yakhe undunankulu uthathise kwinkulumo kamphathiswa Sihle Zikalala othinte ukubaluleka komnotho wezwe njengoba uthinta kakhulu abasebenzi kanye nezimboni ezikhiqiza umnotho wezwe.

OkaMacingwane uthe kubalulekile njengesiFundazwe sibheke isimo somnotho, inhlalakahle yabantu kanye nezinto ezithinta umphakathi eziyinkinga kungathuleki nje zibe zikhona izindlela nezixazululo ezingasiza futhi noHulumeni angangenelela nje kahle. UNdunankulu uthe, " ave kukuhle ukuthi uma kunezinkinga kubanjiswane kubhekwane nazo futhi into ebulala umhlaba wonke ukuthi abantu bayaye bacabange ukuthi uma kunenkinga afune ukuyixazulula eyedwa ayeke ukubambisana nabanye kanti inking ethinta wonke umuntu akulula ukuyixazulula uwedwa", kubeka okaMacingwane.

"Leliphalamende labasebenzi lenza kubelula ukuthi uHulumeni azi izinkinga zabasebenzi futhi kuba isithangami esihle sokuxoxisana ngoba kukhulunywa ngezinkinga, izimvo bese kubekwa etafuleni izixazululo ngokuvumelana", kubeka okaMacingwane. UMacingwane uziqonda kahle izimfuno zabasebenzi ngoba naye usebenze kakhulu eThekwini nabasebenzi esenyunyaneni emele abasebenzi.

OkaMacingwane uthe, "sinabaholi abaqavile abangamaGqala omzabalazo awaziyo ngqo oBaba; Moses Kotana, Moses Mabhida, Harry Gwala, Steven Dlamini, kanye noEric Stalini Mtshali osaphila kulezinsizwa ezayibamba zilwela abasebenzi kunzima la eMzansi".

"Izinhlangano zabasebenzi kufanele zibekhona ngoba zineqhaza ezilenzayo ekubhekeni nezinkinga zabasebenzi futhi zibheke inhlalakahle yabasebenzi", kubeka uMacingwane. uMacingwane uthe, "Ngo1955 kwenziwa eKapa ibhuku losomqulu lezingxoxo lenkululeko (Freedom Chatter) elalithinta izigaba ezazikhuluma ngqo ngabasebenzi, ukuqinisekiswa kokubakhona komsebenzi, ilingelo lokwakha izinyunyana zabasebenzi ngokukhululeka, bakwazi ukwakha izivumelwano nabaqashi kanye nelungelo lokuzikhethela abaholi babo konke lokhu kukulosomqulu".

"USomqulu lo wawubalula ukuthi uHulumeni omkhulu uyayiqinisekisa indaba yelungelo kanye negunya labasebenzi ukuthi babenezinyunyana lihlonishwe.

Okuhle manje lendaba seyashicilelwa nakumthethosisekelo wezwe", kubeka uMacingwane.

Ngesikhathi kunezingxoxo zenkululeko ngo 1992 kusomqulu wawuhlela ukuzilungiselela inkululeko (Ready to Government document) uMacingwane uthe, "bazibophezelela ekutheni uHulumeni weZwe uzosebenzisa konke okutholakala kwinqubomgomo noma kulelibhukwana elithinta izinto zabasebenzi elisetshenziswa umhlaba wonke. Lemigomo kwabe sekuvunyelwana ukuthi isetshenziswe kuhanjwe ngayo kungaphunywa eceleni, kubeka uMacingwane. Okubalulekile ngezinto ezisuke zithintwe osomqulu ukuthi ziyaye zisetshenziswe ekusizeni ukufukula umnotho wezwe. Izinhlelo zeEPWP (expanded public works program) nazo kufanele siziqaphele ekutheni azilimazi imisebenzi yabantu abaqashwe ngokuphelele. UNdunankulu ucele abasebenzi kanye nabamele izinyunyana ukuthi kubanjiswane ekutheni uma kunezinkinga zibikwe ukuze uhulumeni kanye nabaqashi bakwazi ukubhekana nazo.

UNdunankulu ucele kubaholi bezinyunyana ukuba bayinake indaba yokuqashwa ngobulili kanye nobuzwe wathi akulingwane njengoba usomqulu ka1992 uchaza kanye nomthethosisekelo.

Ukuqeqeshwa nokuhlale ecijwa njalo engwandiseni ikhono lomsebenzi akusalanga ngaphandle ezintweni abezibala uMacingwane. Abasebenzi abasiza ezindlini kanye nalabo abasiza abalimi kufanele sibasize ekutheni amalungelo abo nokuxhashazwa kwabo akubhekelelwe noma kusukunyelwe ngoba bona abanamkhulumeli.

OkaMacingwane uthe indaba ehlukumeza abasebenzi emnyangweni weZempilo kulaba abasebenza ngemishini egcina ilimele ingakhandwa uhulumeni uzongenelela kanye nodaba lwengosi esebenza ngokuthengwa kwezinto nokukhokhelwa kwazo (supply chain) nayo uhulumeni uzoza namasu azoxazulula izinkinga zakhona njengoba kugcina kuhlukumezeka umsebenzi kanye nomphakathi.

Enye into ethinte isakhamuzi sokuqala esiFundazweni uMacingwane kube indaba yokukhulisa umnotho ngokulandela nokusiza abalimi laba abakhiqiza ngenani elikhulu (commercial farming) ukuze umnotho wethu usimame. UHulumeni uzoza nohlelo lokulekelela abalimi abasafufusa ukuze bakwazi ukulekelela ekuxosheni ikati eziko njengoba ukudla kumba eqolo.

UMacingwane unombono wokubhekelela abasebenzi ekutheni kuthintwe ikhomishana yomphakathi (Public Commission) elizobuka lenkinga edala ukuthi abasebenzi bagcine bengene shi ezikweletini njengoba bonke bevele ngamakhanda kanti abanye akusaphumeki nempilo isinzima.

UMacingwane ukhale ngokuthi, "abanye abasebenzi abakwazi ukuthola uxhaso lwezindlu ngenxa yokuthi umkamo awuvumi ukuthi bazithole ngenxa yomholo nokuqashwa uhulumeni noma izinkampani kanti nebhange nalo linomkamo walo owenza bangakwazi ukuxhaseka bese begcina bentunta ngoba akukho okungabakhusela.

Izingane zalezizisebenzi esikhuluma ngabo ngenhla azikwazi ukuthola usizo lwemifundaze ngoba nomthetho woxhaso awubavumeli ukuthi basizakale. Lababasebenzi bahlale bekhokha njalo abanamkhawulo kanti nemali abayiholayo ayibabeki ezingeni lokuphumelela kanye nokushintsha izimpilo zabo.

Uphenyo nocwaningo luzoza nesisombululo kulenkinga", kubeka undunankulu. Abasebenzi izinto abazidingidile sibheka izikhalazo zabo emnyangweni weZempilo kube indaba yokuthi uma umsebenzi ethathe umhlala phansi akube kusaqashwa. Bakhazala ngokuthi umqashi akahlangani nabasebenzi kanye nezinyunyana ukudingida izinkinga. Isimo esinzima sabasebenzi ababhekana naso kwabezimweni eziphuthumayo asinakiwe okufaka namaholo. Izikole ezingabhalisiwe ngaphansi komnyango ezifundisa onesi. Ukulungiswa kwemishini yokusebenza kanye nezinsiza kusebenza umnyango ongazinakile. Iphalamende labasebenzi libe selenza iziphakamiso ezizobhekana nalezizimo okukhalwa ngazo.

Okuhle ngomphathiswa Brg, Dkt Sbongiseni Dhlomo ukuthi ngisho ebona ingozi emgwaqeni akadluli wehla azibambele mathupha ayeke uhambo, lokhu kusho ukuthi uma zifinyelela kuye lezizikhalazo uzohlala kuzo amagqozo.

Abasebenzi bahlalule izikhalazo ezicishe zifane uma ubuka iminyango yonke kahulumeni.

Uma umsebenzi efake isikhalazo umnyango uthatha isikhathi ukusinaka. Abasebenzi abasebenza ezindaweni zasemakhaya ababhekelelwa ngamaholo, uqeqesho olwandisa ulwazi, izindlu zokuhlala noma imali yesixephezelo sokuthi uhlalaphi, izindlu zokufundisela ezingekho esimweni, izimayini ezavalwa koDundee, imizila kaloliwe engasasebenzi, umnyango wezolimo nawo awusalanga ngezinto ezithinta wona esibala amanzi, umkamo osetshenziswayo uma kudayiswa othola amanani ebiza ngenxa yokuthi abalimi bayazenzela.

Umnyango weZemisebenzi ususebenzisa kakhulu amathenda bese umsebenzi exhashazwa.

Nakulomnyango abafundile abasetshenziswa ukuze bathole ulwazi (experience).

Umnyango wezoKuphepha wona nawo bahlale kuwo ngenxa yobugebengu osebuyintsakavukela ezweni kanye nokuhlukunyezwa kwabesifazane. Kukho konke okushiwo kuleliphalamende labasebenzi okuhle ngalo bekubikwa izinkinga bese kubekwa isisombululo.

Lezi zisombululo zizolandeleka ngoba abaphathiswa kanye neminyango eqondene izozibheka zilungiswe futhi izinyunyana zizolandelela kakhulu.

Umthetho sivivinywa ophuma emnyangweni lapho abasebenzi bebika khona izikhalazo zabo usukhishiwe, (CCMA labour law amendment act). Qina msebenzi Qina !!!!! yazi amalungelo akho.




# UNDUNANKULU UHLANGANE NABAHOLI ABAMELE IZINGXENYE ZOMPHAKATHI

■ Kunganjani uma ningasebenza no Ngqongqoshe wezokuThuthukiswa komnotho kenakhe idolobha lokuqala okuyidolobha elakhiwe abantu iNquthu"

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu ubehambele indawo yaseNquthu lapho ebehlangene khona nabaholi abamele izingxenye zomphakathi ukuzolalela kuphinde kudingidwe izingqinamba ababhekene nazo kulendawo ngenhloso yokuthi kuqhamukwe nezixazululo.

"Izinkinga azikho kakhulu kuHulumuni, izinkinga zilapho kuhleli khona abantu.

Ngakho ke kubalulekile ukuthi singuHulumeni wesiFudazwe siye kubantu ngqo siyolalela izinkinga zabo sibonisane ukuthi singasebenzisana kanjani" kusho uMacingwane.

Lomhlangano ubuhanjelwe ngabaholi abamele izinhlaka ezahlukene okubalwa kuzo izinduna, amagosa, osomabhizinisi, abamele abaculi bendawo, abalimi, isikebe okuwuphiko olulwa nobugebengu endaweni, amakhosi, abanini bamahhashi kanye nabanye abaholi bezinhlaka ezahlukene.

"Sifuna ukulungisa iNquthu sinani ndawonye, singakwenza kanjani ukubumba abantu baseNquthu ukuze babe into eyodwa, babe nomqondo owodwa wokulungisa ikusasa leNquthu" kuphawula uNdunankulu.

"Kunganjani uma ningasebenza no MEC wezokuThuthukiswa komnotho kenakhe idolobha lokuqala okuyidolobha elakhiwe abantu iNquthu"

UNdunankulu uphinde wagcizelela ukuthi ufuna kube nohlelo lokuthi uHulumeni ungasebenzi noMasipala kuphela kodwa nomphakathi ube yigxenye yokusebenzisana.

Unxenxe ukuthi kube khona ubumbano, kusetshenziswane, kwenziwe into eyodwa kuqedwe nezinkinga.









INGQUNGQUTHELA YENHLALONHLE
UBUMBANO KANYE NOKUHLUMELELISWA KWEZIMILO ESIFUNDAZWENI

INKOMFA

01 - 02 JUNE 2017

KWAMASHU CHRISTIAN CENTRE

"Siqinisa inhlalonhle, ubumbano Kanye nokuhlumeleliswa kwezimilo ekubumbeni isizwe esichumayo KwaZuluNatali Kanye nasekwakheni kweSizwe sonke"



MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
KWAZULU-NATAL PREMIER

**SIYABONGA MAPHUMULO**

# UMnu SIHLE ZIKALALA

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA, KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL**



# UZikalala uthi ezokuvakasha kumele zihlomulise abamnyama

SEKUPHELE iminyaka engamashumi amabili nanhlanu idolobha laseThekwini lisingatha umcimbi wezokuvakasha obuwaziwa ngeTourism Indaba enkathini edlule.

Lo mcimbi ongaconsi phansi futhi oseqophelweni elifanayo ne-World Trade Market eLandani kanjalo ne-ITB kwizwekazi laseJalimane eBerlin, nosuwethiwe igama elisha lokuthi iAfrica's Travel Indaba, uheha izinkulungwane zezivakashi kubalwa kuzo abezindaba kanye nabembukiso yezokuvakasha.

Kanti muva nje idolobha laseThekwini liphinde lamenyezelwa uMengameli wezwe umhlonishwa uJacob Zuma ukuthi lisazoba ikhaya lalo mbukiso okungenani iminyaka emihlanu ezayo. Amukela lezi zindaba ezimnandi, uNgqongqoshe uSihle Zikalala wathi njengomnyango obhekele ezokuvakasha nokongiwa kwemvelo bakuthozolela ukunikezwa igunya lokusingatha i-Africa' World Travel Indaba kuphela kwazise iyithuba eliyingqayizivele lokuthi basebenzise lo mbukiso kanye neminye eminingi ehlobene nawo ukuthi bathuthukise baphinde futhi bahlomulise labo abamencishwe amathuba enkathini edlule, ikakhulukazi abesifazane nentsha.

"IsiFundazwe saKwaZulu-Natal kuyaziwa ukuthi singqenqeleza phambili uma siqathaniswa nezinye ngokuhanjelwa kakhulu izivakashi ezisuka ngaphakathi kwemingcele yakuleli, phecelezi domestic tourists. Lokhu-ke kungenxa yezinto ezifana nesimo esihle sezulu, ukuba seduze nolwandle kanye nempatho enentokomalo yabantu baso.

Balinganiselwa ku-1.3 million abantu abavela kwamanye amazwe kanye no-13.9 million abantu abavela kwezinye izifundazwe abavakasha KwaZulu-Natal njalo ngonyaka, nokusho ukuthi ezokuvakasha zifaka cishe ingxenye engu 10% yemali emnothweni wesifundazwe jikelele.

Kodwa yize kunjalo, kuyahlaluka ukuthi abantu abamnyama kuncane kakhulu abaluzuzayo kulezizibalo, nokusho ukuthi idlanzana labamhlophe elihleka kahle ngenxa yenzuzo eliyithola kwezokuvakasha," kusho uZikalala. Wathi isifundazwe yize sikwamukela ngezimhlophe ukumenyezelwa njengekhaya le-Africa's Travel Indaba kuleminyaka emihlanu ezayo, konke lokhu kuyofana nezeleze uma abantu abamnyama besazoqhubeka nokuvaleleka ngaphandle kwamathuba okubamba iqhaza elibonakalayo kwezokuvakasha.

"Ngaleyondlela, sesithathe isinqumo sokuthi sigxile kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi abantu abamnyama babamba iqhaza elibonakalayo kule mboni futhi nabo bazuze okuthe xaxa kwezomnotho uma sisingatha imicimbi emikhulu njengoba sivame ukubona kwenzeka edolobheni laseThekwini.

Kuyiqiniso elingenakuphikwa ukuthi ukuncishwa amathuba kwabantu abamnyama kepha abezinye izizwe beqhubeka nokuzixephulela umkhoma kungaba nomthelela ongemuhle kwisiFundazwe sethu ngakho-ke siwuhulumeni kumele singenelele ngendlela ebonakalayo ukuze lesi simo siguqulwe ngokushesha.

Lokhu kuphinde kufakazelwa nawukuthi yize idolobha laseThekwini linengxenye engu 73.8% yabantu abamnyama, kepha angaphansi ngisho kwesihlanu amahhotela aphethwe abantu abamnyama kulo."

OkaKhuzeni wathi ukuguqulwa kokuphathwa komnotho kulesisifundazwe akuzogcina nje ngokuhlomulisa abamnyama kepha kuyoqinisekisa nokuqhubeka kokuheleza komoya wokuzwana nokubambisana phakathi kwezizwe ezihlukene ezakhele lesisifundazwe.

Wathi yize uhulumeni ukhuthaza ukuthi abantu abamnyama bazibambele emnothweni wesifundazwe, kodwa bafuna ukukugcizelela ukuthi angeke nangephutha uhulumeni wakubekezelela ukubikwa kwezigameko zobudlova nobugebengu egameni lokuthi abantu bafuna amathuba okubamba iqhaza kwezomnotho.

"SiwuHulumeni sikwazi kahle kamhlophe okumele sikwenze ukuze siphumelelise umbono wethu wokuthi abamnyama basimame kwezomnotho, siyayazi futhi nemiphumela esingayizuza uma singahluleka ukufezekisa ukusimamiswa kwabasha nabesimame kwezomnotho, ikakhulukazi kwezokuvakasha.

Ngakho-ke sesithathe isinqumo sokuthi kuyo yonke imicimbi emikhulu esiyisingathayo siyisebenzisele ukuqikelela ukuthi amamnyama bayazuza kuyo.

Kanti siphinde futhi sanquma ukuvuselela nokuxhasa ezokuvakasha ezindaweni zasemakhaya kanye nasemaphandleni," washo kanje.

IKwaZulu-Natal inezinhlelo zokuvuselela iNdumo Lodge enyakatho nesifundazwe ngokusebenzisa umnyango wethu weZemvelo KZN Wildlife.

Lo msebenzi umbandakanya ukulungiswa kwezindlu zokulala izivakashi, indawo yokuzamukela, izindlu zangasese kanjalo nezokugezela.

Kanti nasendaweni eyimigede eyaziwa ngokuthi iseNgodini Border Caves ngasemngceleni waseSwazini khona belu enyakatho nesifundazwe ukuze kwakhiwe izindawo zokulala kuhehwe nezivakashi.

Kuphinde futhi kube nezinhlelo zokuthuthukisa osomabhizinisi abancane, zokubaqeqesha ukuze bathuthukise amakhono abo okuphatha ezokungcebeleka nezokuvakasha.

IsiFundazwe sesiphinde sabumba ubudlelwano nenhlangano yomhlaba i-International Labour Organisation ukusimamisa imifelandawonye egxile kwezokuvakasha ukuze ikwazi ukuphatha izindawo zezivakashi.

"Lezi zinhlelo zihambisana nophenyo olwenziwe inhlangano ebhekele ezokuvakasha emhlabeni wonke iWorld Tourism Organisation noluveza ukuthi ezokuvakasha zidlala enkulu indima ekuxosheni ikati eziko ngokudala amathuba emsebenzi kulabo abangathathi ndawo.

Ngakho-ke kungaba yiphutha elingaxoleleki ukuthi ezweni lethu, lapho abamhlophe kuyibo abazuza lukhulu kwezokuvasha, sizihlalele nje sigoqe izandla singangeleli ngezinhlelo eziyoqinisekisa ukuthi abamnyama nabo bayakwazi ukubamba iqhaza elibonakalayo kwezokuvakasha.

Ngaleyondlela sifuna ukuqikelela ukuthi abantu abamnyama bayasuswa ekubeni izisebenzi ezihlanza amahhotela kuphela kepha nabo bakwazi ukuba abanini bamahhotela nezindawo zokuhlala," kusho uZikalala.

Waphetha ngokuthi ukusingatha kwethu njengesifundazwe imicimbi emikhulu kumele kuhambisane nokuthi abantu abamnyama bakhule kwezomnotho.

"Izibalo zethu zisitshengisa ukuthi kuleminyaka emithathu ezayo isifundazwe sisosingatha imicimbi eyoletha imali engu R1.1 billion esifundazweni nokuyoba nomthelela kwamanye amabhizinisi wemali engango R2.2 billion. Kukho konke lo sithi kumele kube abamnyama abazuza kakhulu ngoba kakade yibo ababencishwe amathuba enkathini ephambili," washo kanje.

> *"SiwuHulumeni sikwazi kahle kamhlophe okumele sikwenze ukuze siphumelelise umbono wethu wokuthi abamnyama basimame kwezomnotho"*




*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala, iMeya yaseThekwini uNks Zandile Gumede, uNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu, uNgqongqoshe wezokuvakasha uTokozile Xaba behambisana Nomongameli Jocob Zuma ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni i-Tourism KZN Stand*

# Ukubaleka kukababa kwenza umntwana akhule edlebelekile, kusho uNgqongqoshe uThusi

**MINENHLE MNCWANGO**

AYIKHO into ebalulekile njengokuba abazali bawazise umndeni ukugwema ukudlebeleka kwabantwana, kanti uma umtwana ekhuliswe ngendlela, abazali bebambisene, ukhula kahle futhi enenhlonipho.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele umphakathi waseNquthu maphakathi nesiFundazwe saKwaZulu Natali.

Ukuhambela kukaNgqongqoshe uThusi kulendawo bekuyingxenye yomgubho wosuku lomhlaba oluqhakambisa ukubaluleka kwemindeni olwaziwa nge-International Family Day.

Okwenze uNgqongqoshe uThusi lolu suku alugubhele kulendawo yaseNquthu yingenxa yesibalo esiphezulu sabantwana abakhulelwa besebancane futhi besafunda nesikole, izinga eliphezulu lobugebengu, nenkinga yokuhlukunyezwa kwabantu abadala kanye nabantwana osekuyinsakavukela.

Esinye isihlava esihlasele lomphakathi ukwebiwa kwemfuyo, okwenziwa abantu abasebasha, nokukholakala ukuthi kudalwa izinga eliphezulu lokuntuleka kwemisebenzi.

Ethula inkulumo yakhe ezinkundleni zemidlalo iMkhonjane, lapho bekuhlanganelwe khona, uNgqongqoshe uThusi unxuse umzali onengane ukuba azinike isikhathi sokuba abe nomndeni.

Uthe: “Abazali abazinike isikhathi somndeni khona kuzoba nobudlelwano obuhle phakathi komntwana nomzali.

Asikho isibonelo esihle umntwana azosithola uma ngabe abazali bengenasikhathi sakhe njengokufika nsukuzonke bedle amanzi amponjwana.

Lokho kwandiswa isibalo sezingane ezikhulelwa zincane ngoba zisuke zingagadiwe.”

Uthe: “UHulumeni akagqugquzeli ukuba abantwana bangabi nayo inhlonipho, kodwa uthi umntwana unelungelo lokondliwa ngendlela, aphinde anikezwe ithuba lokufunda. Yingakho uMnyango wezokuThuthukiswa unikezela ngesibonelelo somntwana kusukela ezelwe.

Siyaqinisekisa ukuthi umntwana uyasiwa enkulisa futhi aphinde athole ukudla, aye esikoleni ayoqala imfundo yamabanga aphansi naphezulu, kanti uma edinga ukwelekelelwa ngomfaniswano uyasizwa.

“Akuyona into enhle ukuba intsha izinikele ezidakamizweni nasophuzweni oludakayo.

UMnyango unezinhlelo eziqondene ngqo nentsha,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Ube esedlulisela ngokusemthweni isheke lemali engango-R100 000 kwenye yezinkulisa eyaziwa ngo-Ubuhlebuyavama Early Childhood Development Centre ukuba ilungise isakhiwo sayo esapheshulwa umoya, waphinde futhi wanikezela ngelinye isheke lika-R67 320 lokulekelela kwezinye izidingo ezifana nokudla kwabantwana ngesikhathi besenkulisa.

Konke lokhu uNgqongqoshe uThusi uthe kuyimizamo kaHulumeni ukuba abantwana bakhule ngendlela efanele.

Uthe kumele abazali babambisane noHulumeni ekwakheni imindeni ephilayo.

Uphinde wadlulisela ukudla emindenini entulayo engama-55 ehlonzwe usonhlalakahle wendawo kanye neminye imindeni eli-155 ehlonzwe isakhiwo soMnyango u-SASSA, kwathi izaguga zathola izingubo zokulala kanye nezimboko zokudondolozela.

UNgqongqoshe uthusi ubuye wabuyela endaweni yaseNquthu eya kovula ngokusemthethweni iskhungo sokunikezela ngokudla okunomsoco emphakathini, iCommunity Nutrition Development Centre (CNDC).

Lolu hlelo luhlomulise amalunga omphakathi angu-250 avela emindenini ehlwempu.

Lolu hlelo seludale amathuba emisebenzi angu-12 kuleyandawo, kanti uMnyango usubeke imali engu-R15 million ukufuqa lolu hlelo.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ezizwela yena mathupha ukudla okwehla esiphundu okuphekwa yisikhungo sokunikezela ngokudla emphakathini eNquthu.*

# Kunxuswe iziMeya namakhansela ukuba bagqgquzele imikhankaso yokulwisana nezidakamizwa emiphakathini

**MINENHLE MNCWANGO**

INKINGA yokusetshenziswa kwezidakamizwa ingenye yezimbangela eziholela ekuhlukumezekeni kwabantu besifazane kanye nezingane ezweni, iphinde ilimaze abantu abasha abagcina bengasenalo ikusasa eliqhakazile, kube lula nokuthi babhuqabhuqwe yizifo ezithathelanayo.

Lamazwi ashiwo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi enesidlo sasekuseni nobuholi bemikhandlu yasekhaya, okuhlanganisa iziMeya kanye namakhansela. UNgqongqoshe uThusi utshele ubuholi obusha boHulumeni basemakhaya obaqokwa ngonyaka odlule ngomsebenzi woMnyango wakhe omayelana nempi yokulwa nezidakamizwa emiphakathini.

Uthe ukuphumelela kwalomsebenzi kuncike ezinhlakeni ezisebenza ezingeni leziFundazwe kanye nomasipala abahlukahlukene, ezaziwa ngamaDistrict kanye nama Local Anti-Substance Abuse Forums.

Lomhlangano bewubanjelwe esikhungweni esihlumelelisa izimilo esaziwa nge-Newlands Park Centre, esiseNewlands West, enyakatho yeTheku. UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni unezikhungo ezimbili ezisiza labo abanenkinga yezidakamizwa kanye nophuzo oludakayo ezisebenza ngokugcwele, okuyi-Newlands Park Centre kanye neMadadeni Rehabilitation Centre, eseNewcastle, enhla nesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

UNgqongqoshe uThusi, obuye abe usihlalo wesithangami esibhekele ukulwisana nokusetshenziswa kwezidakamizwa esifundazweni, iProvincial Anti-Substance Abuse Forum, ukhombise ubuholi beziFundazwe nomasipala amagumbi lapho abanenkinga yezidakamizwa bethola khona usizo, wabakhombisa nemisebenzi yezandla emihle abayenzayo, kanye nalabo abanamakhono okudweba nokuhaya izinkondlo.

Lesi sikhungo soMnyango sisebenza ezingeni eliseqophelweni eliphezulu ukusiza abanenkinga yezidakamizwa ukuba bangacekeli phansi izimpilo zabo kanye nalabo abaphila nabo emindenini nasemiphakathini.

Unxuse iziMeya ukuba zibe nazo izinhlelo ezibhekene nokuqwashisa nokulwisana nezidakamizwa emiphakathini.

Uthe: “Izwe lethu libhekene nenkinga enkulu yokubulawa kwabantu besifazane okudalwa abantu abasebenzisa izidakamizwa. Sinxusa ukuba amakhansela aqale imikhankaso emawadini angaphansi komaspala besiFundazwe abahlukahlukene.

“Ukubambisana kwazo zonke izinhlaka zikaHulumeni, izimboni ezizimele kanye nezinhlangano ezingenzi nzuzo kuyokwenza ukuba inqobeke lenkinga yezidakamizwa,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Uthe sikhombisa ukukhula isibalo sabantu abadinga ukusizwa njengoba besuke sebekhathele ukuba yizigqila zezidakamizwa.

I-Newlands Park Centre inesibalo esikhulayo sabantu abaphumela obala ngokufuna ukusizwa enkingeni yezidakamizwa.

Kulonyaka babalelwa ku-567 asebethole ukwelashwa kulesi sikhungo, okuyisibalo esikhulu kunesanyakenye, sona esasiwu 474. Ukuthola usizo kulezi zikhungo kubiza u-R820 kanti kuthatha amasonto ayisishiyagalombili.

Usizo olutholwa abalashwa behlala emakhaya lumahhala. Izimeya zethembise ukuyisukumela ngokushesha lenkinga yezidakamizwa ngoba iyabakhathaza nabo, ikakhulukazi uma umphakathi uhlukunyezwa abantu abanalenkinga, okugcina sekufike lapho umphakathi uzithathela umthetho ubalimaza, kanti luyatholakala usizo eMnyangweni.

Kanjalo nemboni ekhiqiza utshwala kuleli, i-South African Breweries (SAB) yethembise ukubambisana noMnyango ngokuqhamuka nezinhlelo zokucija ngamakhono labo abazobe belashwa khona bezokwazi ukuthola imisebenzi noma bazisebenze bona, bavulele nabanye amathuba emisebenzi.

UNgqongqoshe uThusi umeme ubuholi basekhaya ukuba bubekhona kukhukhulelangoqo womhlangano ozoba ngoJuni 26 kuya ku 27, eyaziwa nge-KZN Anti-Substance Abuse Summit, ngaphansi kwesiqubulo esithi: **I-KZN Ayibumbane ekulweni nezidakamizwa - Siya Phambili Nokubuyisa Imiphakathi Yethu (KZN Unite Against Substance Abuse - Moving Forward to Regain Our Communities).**



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, noMeya bomasipala abehlukahlukene, ngesikhathi behambele esikhungweni sokwelapha labo abanenkinga yokusebenzisa izidakamizwa, iNewlands Park Centre.*

# UDKT SIBONGISENI DHLOMO

**UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL**



# Umphakathi ungabamba elikhulu qhaza ekulweni nezifo

Ngasekuphuleni kwalenyanga ephezulu, imikhakha eyahlukene yezempilo emhlabeni jikelele izoba isemkhankasweni wokuvukuza onembeza emphakathini ngokubakhumbuza ngobungozi bukagwayi.

I World No Tobacco Day ebangomhla ka 31 May ingomunye wemikhamkaso ebaluleke kakhulu kuyikhalenda lezempilo kithina lapha KwaZulu - njengoba lesi sifunda singesinye kwezigajwe yizifo ezithelelenayo nezingathathelani. Lolu suku lulandela olomkhankaso wokuqwashisa ngesifo somfutho wegazi ophakeme nesesibhebhetheke kakhulu. Lezi zihloko zihlobene njengoba zombili zibhekene ngqo nokusebenza kwento ewukhiye emzimbeni womuntu: inhliziyo. Ukubhema ugwayi noma ukuwuhogela kowubhemayo – phakathi kwezinye izinto – kunyusa umfutho wegazi kuphinde kucinanise imigudu yemithambo yegazi. Lokhu kufaka ingcindezi enhliziyweni, egcina isisebenza ngokweqile.

Lokhu kunyusa amathuba okuthi umuntu agcine esephethwe yisifo senhliziyo, futhi abe sengcupheni yokuphathwa yisifo sohlangothi.

Nakuba kwenzeka ukuthi umuntu abe nomfutho wegazi ophakeme ngenxa yofuzo, kodwa esikhathini esiningi lokhu kudalwa ukudla okungenamsoco, okunamafutha noma usawoti omuningi; ukubhema ugwayi, ukucwila ezinkambeni zikaFaro; ukungazivocavoci – okungaholela ekukhuluphaleni ngokweqile - kanye nokukhandleka ngokomqondo.Ongoti bathi ukukhuluphala nokusebenza amahora amade ngaphansi kwengcindezi emsebenzini sekuholele ekunyukeni kwesibalo sabantu abaphathwa yisifo somfutho wegazi ophezulu emhlabeni jikelele. Ucwaningo lweminyaka ewu-13 olwenziwe yinyuvesi yase-London kubasebenzi abawu-7000 abasebenza amahora angaphezu kuka 11 luveze ukuthi banamathuba okuphathwa yisifo senhliziyo awu-67% uma beqhathaniswa nalabo abasebenza amahora angamashumi ayisishiyagalombili.

Abantu abakhulelwe basengcupheni yokuba nomfutho wegazi ophakeme ngenxa yezinguquko ezenzeka emizimbeni yabo njengokukhuluphala ngesikhathi besazithwele. Yingakho kubalulekile ukuthi uma owesimame engayi esikhathini avakashele emtholampilo ukuze axilongwe. Uma kutholakala ukuthi ukhulelwe, kubalulekile ukuyoxukuza njalo ngezikhathi okuvunyelwene ngazo nabezempilo ukuze uma kunezinkinga zisheshe zitholakale bese zenganyelwa ngendlela efanele. Isifunda saKwaZulu-Natal sibhekene nengcindezi enkulu yokuhlaselwa yizifo ezithelelayo nezingathathelani. Kulezi zifo singabala ezingamahlalakhona (njengesomfutho wegazi ophezulu, esikashukela, umdlavuza, esohlangothi, nesezinso); yinhlanganisela ye-HIV, TB ne-AIDS; ukushona komama uma beyoteta kanye nabantababo; kanye nezigameko zokuhlukumezeka ngenxa yokulimala ezingozini zomgwaqo nokulinyazwa ngezikhali ezinhlobonhlobo.

Lengcindezi yezifo idla enkulu imali, yenze kube nzima nakuhulumeni ukuba ahlinzeke umphakathi ngezinsiza ngokufanele njengoba izikhungo zezempilo zigcwele ziphuphuma.

Ngokubambisana singasiguqula lesisimo. Izifo ezingamahlalakhona singazinciphisa ngokuzijwayeza ukuzivocavoca, sivakashele nasemtholampilo okungenani kanye ngonyaka ukuze sithole ukuhlolwa. Kodwa ukhiye wempumelelo kulokhu ulele ekutheni sifunde, sithole ulwazi ngezempilo ukuze sigwazi ukugwema izifo.

Izimpawu zomfutho wegazi ophezulu zibandakanya ukuphathwa ikhanda, ukuphelelwa amandla, isiyezi, ukuvuvukalelwa amehlo, ukubona lufifi kanye nokuphelelwa umoya.

Kodwa okubaluleke kakhulu umphakazi ongabambisana ngakho nomnyango Wezempilo, ukuba uhambele izikhungo zezempilo ukuyohlola okungenani Kanye ngonyaka. Sinxusa abaholi bomphakathi kuyoyonke imikhakha ukuba bashumayele ivangeli lokuthi amalungu omphakathi azihluphe ngokuphila impilo engawusiza ukugwema ukungenwa yizifo. Intsha kumele siyikhuthaze ukuthi izibandakanye kwezemidlalo nakwezinye izinto noma izinhlangano eziqguqguzela ukwakhana. Singumphakathi kumele sazi ukuthi zikhona ezinye izindlela esingazithokozisa ngazo ngaphandle kophuzo oludakayo, izidakamizwa nokubhema ugwayi.

Lokhu kungalekelela kakhulu ekulweni nezifo ezindakanya esenhliziyo, esohlangothi nesomfutho wegazi ophezulu. Labo asebezazi ukuthi banomfutho wegazi ophezulu kubalulekile ukuthi badle imithi yabo ngokwemiyalelo yabezempilo.

Kanjalo futhi baqikelele ukuthi badla ngokuyindlela ngokugwema ukudla okunosawoti, okuthosiwe kumbe inyama. Siwumyango Wezempilo sigcizelela ekutheni kuvikelwe ukungenwa yizifo kunokuzepha. Umphakathi ungadlala enkulu indima ngokuthi ukwenze kubeyisikompilo ukungaphili impilo egadalala.

Phambili nokuphila ngokuzinakekela, phambili!!!

# SIGQUGQUZELA IMPILO KWABESIFAZANE

NJENGOBA bekugujwa usuku lokuqwashisa ngezeMpilo emhlabeni jikelele, olwaziwa ngo-International Day of Action for Women's Health ngomhla ka 28 kuNhlaba 2017, uNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo unxuse abantu besifazane esifundazweni sonkana ukuba bahlale beqwashile mayelana nezifo kanye nezimo zezempilo ezibhekene nabo ngqo.

Uthe kuyethusa ukuthi bangaphezu kuka-7 700 abesifazane abatholakala benomdlavuza wesibeletho unyaka nonyaka; nabangaphezu kuka-4 000 ababulawa yilesi sifo njalo ngonyaka. "Noma kunjalo, okuhle ukuthi uMnyango Wezempilo KwaZulu-Natal unohlu lwezidingo onazo ezingaphendula isimo, njengokugonyelwa igciwane i-Human Papilloma Virus.

Ngokuhlanganyela noMnyango Wezemfundo Eyisisekelo KwaZulu-Natal, siqale umkhankaso omkhulu kusukela mhla zi-3 – 28 kuNcwaba wezi 2016 ukuhlinzeka ngomgomo i-Human Papilloma Virus (HPV) Vaccine emantombazaneni esikole aneminyaka eyisi- 9 kuya kweyi-10 aseBangeni lesi 4.

Ukugonyelwa i-HPV kuhloswe ngakho ukunciphisa isibalo sabesifazane ababa nomdlavuza wesibeletho. Abazali bayanxuswa ukuthi basayine amafomu okuvuma ukuthi izingane zabo zamantombazane zingagonywa."

UDkt Dhlomo uthe okunye okukhathazayo ukuthi, ngokoMnyango Wezempilo Kuzwelonke, okungenani bawu-2 000 abesifazane abaphakathi kweminyaka eyi-15 nengama-24 abahaqwa yigciwane lesandulela ngculazi masonto onke, izikhathi eziningi belithola kwabesilisa abadala kakhulu kunabo.

Uthe uMnyango uzoqhubeka nokuqinisa imizamo yawo yokuqwashisa ngokushintsha kokuziphatha kanye nobungozi bamadoda amadala, abuye aziwe ngokuthi "amaBlesser" no-"Sugar Daddy" alala namantombazana nabesifazane abasebasha.

UMnyango wezeMpilo uyaqhubeka nomkhankaso owathulwa yiSekela likaMengameli wethu uMnu Cyril Ramaphosa ogxile, phakathi kokunye, ekugqugquzeleni abasifazane abasebancane ukuphila impilo ekahle bangazikhathazi kakhulu ngezinto eziwubukhazikhazi njengemali, omakhalekhukhwini ababizayo, izingubo zokugqoka kanye nezinwele ezixhunywayo.

Laba besifazane bayagqugquzelwa ukuthi bagxile ekutholeni imfundo – okuhlanganisa nokufaka izicelo zosizo lwezimali kuhulumeni uma kunesidingo – baze bathole umsebenzi bese bekwazi ukuqongelela imali yezinto eziwubukhazikhazi bazithengele ngokwabo. "Siyawacela nala madoda ukuthi alalele onembeza



bawo ayeke phansi amantombazane ethu asemancane, ukuze akhule futhi aqhakaze."

UDKT Dhlomo uphonse inselelo kubo bonke abesifazane ukuthi basukume balwe nakho konke okungacekela izimpilo zabo phansi. Lokhu bangakwenza ngokuqinisekisa ukuthi: Bayahlolwa ngokwezempilo okungenani kanye ngonyaka.

Lokhu kusiza ukuthi kusheshe kutholakale izifo futhi kwenze ngcono ukwelashwa kwezifo kanye nemiphumela yokuphathwa kwazo. Basebenzise indlela yokuvikeleka okumbaxambili uma kuza kwezocansi. Lokhu kuhlanganisa nokugqugquzela abalingani babo ukuthi benze uKusokwa Ngodokotela Kwabesilisa, kanye nokuqinisekisa ukuthi basebenzisa izindlela zokuhlela umndeni zabesifazane njenge-Implanon, umjovo noma i-loop – ngenkathi besebenzisa amajazi abakhwenyana isiwombe nesiwombe sokuthintana ngezocansi.

Bavakashele izikhungo zezempilo ezindaweni zangakubo (imitholampilo) ukuze bahlolwe ukuthi bakhulelwe uma nje beqiwe isikhathi sabo senyanga. Uma ukukhulelwa sekuqinisekisiwe, kubalulekile ukuthi bahambele imitholampilo yangaphambi kokuteta ukuze baqinisekise impilo eseqophelweni eliphezulu kubo nasezinganeni zabo ezingakazalwa.

"Ukulekelela ukuthi iNingizimu Afrika ibe yisizwe esiphilile, abesifazane kufanele bathathe izinqumo eziphusile ngokuthi badlani, ngokuthi bayaluphuza noma qha uphuzo oludakayo nokuthi bayabhema yini, phakathi kokunye. Indlela yokuphila enempilo, ehlanganisa nokudla okunempilo kanye nokuzivocavoca umzimba njalo, kungadala omkhulu umehluko."

YIBA ngowesifazane oyisibonelo nakwabanye Zibambele impilo yakho

Yithi CHA:
Ocansini lingekho ijazi lomkhwenyana
Odlameni
Ekuhlukunyezweni

Yithi YEBO:
Ekuzikhetheleni kwezocansi
Emfundweni kuqala
Ekuzihloleni njalo

# LIFEZEKILE IPHUPHO LIKAGOGO NGOGESI ENQUTHU

VERNON MCHUNU

Abantu abadala bavukwe wumunyu basikhihla esikaNandi eNquthu ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni ezokwethula izinhlelo zokulethwa kwezidingo nokuthuthukiswa kwenhlalo yemiphakathi ehlukahlukene, nobekuhambisana nokukhanyiswa kukagesi emakhaya amaningi okokuqala ngqa. Kwale ngisho esezibonela ngawakhe ngesikhathi uNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube ecindezela inkinobho wakhanya bha ugesi endlini yakwakhe, kepha ugogo uThobekile Mkhize, wasesigodini saseMagogo, ubesalokhu ethi yena ubona sengathi "uyaphupha ulele" noma "uyalingwa usehlane".

"Mntanomntami, thina sikhule kulezindawo esihlala kuzona emakhaya, sitshelwa ukuthi ugesi owabelungu.

Futhi nathi besikukholwa lokhu kusukela sisengamantombazane sisebenza ezindlini zabelungu, ngoba yilapho kuphela ebesibona kukhanyiswa ugesi khona," kuchaza ugogo. "Kuthe noma sekuphume oMandela emajele nabo oMsholozi laba sekuthiwa babuyile ekudingisweni, sesilokhu sitshelwa ukuthi nathi sesizowuthola ugesi emakhaya ethi ngoba izwe selikhululekile, hhayi besivele sibone nje ukuthi kudlalwa ngathi ngoba sizigugele.

Yingakho ngithi namuhla ngiyaphupha impela uma ngibona indlu engihlala kuyona ikhanyiswa ugesi bheka, kuthi bha," kusho ugogo uMkhize, esho ethwala izandla ekhanda ngenxa yomunyu.

Intombi endala ingabanye bezakhamizi abebezokhanyiselwa ugesi ezindaweni ezahlukahlukene eNquthu, ikakhululazi kumawadi u 3, u 13 kanye no 10. Ezinye zezindawo lapha seziyakhanya ugesi, kanti ezinye izinhlelo sezisemaphethelweni.

"Nokho kasizile lapha endaweni ukuzofaka ugesi kuphela. Asikholwa wukuthi abantu badinga uhlobo olulodwa lwentuthuko.

Abantu badinga nezinhlelo ezizobanika ithuba lokuba bazithuthukise bona ngokwabo.

Yingakho nje sibuye sakhe nalokhu esithi ngama Community Service Centre, okuyizakhiwo lapho izakhamizi zithola khona izinsiza zikahulumeni ezahlukahlukene endaweni eyodwa, kubuye futhi kube namahhovisi okubamba imihlangano yokuthuthukisa umphakathi kanye nenkantolo yenkosi," kuchaza uDube-Ncube, nobehambisana nozakwabo uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, umhlonishwa uThemba Mthembu.

Kanti phezu kwezinhlelo zenthuthuko ezethuliswe, uhulumeni uphinde wanikeze umphakathi ithuba lokuba nawo uziphefumulele ngamasu obona ukuthi uhulumeni angawasebenzisa ekubhekaneni nezinselelo ezikhona ezindaweni zasemakhaya.



*Kuhlengezele izinyembezi zenjabulo kubantu abadala ngesikhathi ithimba longqongqoshe bakahulumeni lizobethulela uchungechunge lwezinhlelo zentuthuko endaweni ekade inganakiwe iminyaka-nyaka.* ***Izithombe:*** ***MANDLA MKHIZE***




## Izinhlelo zokukhiqizwa kwemfuyo nazo zizothuthukiswa ngemiphumela yocwaningo mayelana nokuthi yini abangayenza ukuze kutholakale uhlobo lwemfuyo engasheshi ukukhahlamezeka

SINDY MLOTSHWA

UMnu THEMBA MTHEMBU

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



# UMnyango wezoLimo uyakholelwa ekulubumbeni luseva kulomkhakha

Ubukeka uthela izithelo ezinhle umkhankaso wabakwa Future Farmers okuyinhlangano eyasungulwa nguNkkz uJuddy Stuart ahlose ngayo ukulekelela intsha enentshisekelo nogqozi lwezolimo.

Ekhuluma emcimbini wosuku lwabalimi bakusasa obusehholo lase Centenary eCedara eMgungundlovu, uNkkz Stuart uthe lenhlangano yasungulwa ngokubona intsha ingathandi ukuzibandakanya nezolimo, kuthi leyo enothando lwezolimo yentule uxhaso ngokwamakhono nangokwezemfundo.

Inhloso yalomcimbi obuxhaswe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, bekuwukukhuthaza labo abasafufusa kuphindwe kulalelwe nalabo asebehlomulile kulenhlangano abanye babo asebeqhoqhobele amapulazi amakhulu bethekelisa abanye ngolwazi.

Oyisikhulu esiphezulu eMnyangweni wezoLimo uMnuz ulsaiah Mahlangu, ubonge umbono wabe Future Farmers wokukhathalela intsha kwezolimo waphinde wabongela nalabo asebehlomulile.

"Kungumsebenzi odinga ukushayelwa ihlombe ukubona izinhlangano ezifana nalezi zizinikela ekwesekeni intsha kwezolimo. Mangiphinde futhi ngibongele nalabo asebekwazile ukusizakala njengoba sizwa ukuthi abanye babo namhlanje bangosomabhizinisi abaqavile kulomkhakha wezolimo," kusho uMahlangu. Wengeze ngokukhuthaza intsha nabo bonke abalimi ukuthi bezihlobanise nezinhlelo zoMnyango njengoba unazo izinhlelo zokulekelela abalimi emazingeni ahlukene, ubuye waveza nokuthi uMnyamgo wezoLimo eSifundazweni uyakholelwa ekugxiliseni isikompilo lezolimo entsheni ukuze izwe lingentuli ukudla esikhathini esizayo. "Ngiyathanda nje ukugqugquzela abalimi ukuba bejwayele ukusondelana noMnyango ngoba unazo izinhlelo eziningi zokunilekelela lapho nidinga khona usizo. Kukhona nezinhlelo eziqondene ngqo nentsha yakithi ikakhulu leyo esiphothulile ezikhungweni zemfundo ephakeme," kwenaba umnuz uMahlangu.

UNksz uSebenzile Mkhize ongomunye wabahlomulile ezinhlelweni zabakwa Future Farmers uxoxe kabanzi ngohambo lwakhe lwase Australia lapho ayesebenza khona eplazini lezimbali aluchaze njengolunzima kodwa olumkhulisile.

"Mina kuningi engikuzuzile ngenkathi ngisebenza eplazini lezimbali kuleliya lizwe. Ngangiqikelela ukuthi engangingakwazi ngicela usizo futhi ngingasabi nokubuza imibuzo uma ngingenaso isiqiniseko ngokuthile, yize kwakunzima kodwa ngagcina sengijwayele futhi ngagcina sengizwana nabantu base Australia," kulandisa okaGcwabe.

UMnuz uMahlangu uthe uMnyango uyakholelwa kakhulu ekunxenxeni intsha kwezolimo njengoba kuvela ukuthi iningi layo iyaziqhelelanisa nezolimo. Uthe bayethemba ukuthi ezolimo zingathuthuka kakhulu uma kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanje ngokunjalo nokweyamanisa kakhulu ezolimo nocwaningo.

Kuzokhumbuleka ukuthi enkulumeni yohlahlomali kaNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, umnuz uThemba Mthembu uveze ukubaluleka kocwaningo emkhakheni wezolimo wathi luthuthukisa ezolimo ngendlela yesimanje.

UMthembu uthe uMnyango usuqalile ukwenza umsebenzi wokukhiqiza izimbewu ezikwazi ukumelana nezimo zemvelo.

Wathi sebekwazile ukulumbanisa imbewu kabhatata ehlonyiswe ngomsoco ongu vitamin A okumanje isesigabeni sokwandiswa ukuze isatshalaliswe emiphakathini.

UMvelase uthe izinhlelo zokukhiqizwa kwemfuyo nazo zizothuthukiswa ngemiphumela yocwaningo mayelana nokuthi yini abangayenza ukuze kutholakale uhlobo lwemfuyo engasheshi ukukhahlamezeka ngenxa yezimo zezulu ezifana nesomiso.

# USCOTT UVUSELELE ITHEMBA KUMPHAKATHI WASE HALADU, ENQUTHU

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

UNgqongqoshe wezeZimali KwaZulu-Natali uNkk. uBelinda Scott wethembise ukunikela ngezinqama (ram/sheep) eziyishumi nanhlanu kwi Thandabantu Wool Growers co-operative esendaweni yase Haladu eNquthu.

Ngaphansi kohlelo lwe OSS (Operation Sukuma Sakhe) oluhanjelwa yikhabhinethi yonke kaNdunankulu, libone uNduna nkulu uWillies Mchunu, oNgqongqoshe bonke, izinhloko zeminyango kanye nabasebenzi beminyango yonke yaKwaZulu-Natali ngokwehlukana kwayo behlela endaweni yaseNquthu, lapho bafike bahlukana ngamawadi ukuzozwa izinkinga nezidingo zomphakath. Owezezimali uBelinda Scott ubehambele endaweni yase Haladu ekuwadi-12, lapho eqale khona eThandabantu Wool Growers. Lelibhizinisi elinamalunga ayishumi nantathu (abesilisa abayisikhombisa kanye nabesifazane abayisithupha) ligunda iziklabhu bese lidayisa le wuli emakethe yase Port Elizabeth, yize okwamanje lingenzi kahle.

"Lomunikelo wezinqama eziyishumi nanhlanu uzosiza kakhulu ekuvuseleleni ibhizinisi lethu, sizokwenza inzuzo siphinde sikhulise lelibhizinisi," kusho uMnu. Tsepang Molefe oyilunga lalenhlangano.

U-Scott uthinteke kakhulu uma ezwa ukuthi lenhlangano idonsa kanzima yize umnyango weZokulima wabakhela indawo yokusebenzela ebiza isigidi nezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu zama-randi (R1.5 million).

"Kumele siyisize lenhlangano ukuze izoqhubekela phambili iphinde yakhe nenzuzo.

Abantu abaningi kulendawo abasebenzi ingakho kumele sithuthukise lamabhizinisi ukuze kwakheke amathuba emisebenzi, nabantu bakwazi ukubeka ukudla etafuleni.

Ngidinga ukuthi abantu bakulendawo bazimisele kakhulu ngezolimo. Ikona lokho okuzosiza ukuthuthukisa umnotho wakulendawo kanye nowesifundazwe," kusho uScott.

Usuke lapho waya ukuyohlanganyela nomphakathi ehholo, ukuyozizwela mathuba izingqinamba umphakathi obhekene nazo. "Sidinga usizo olukhulu ezikoleni. Iningi labantu kulendawo likhuluma isisuthu, kodwa ezikoleni abekho omeluleki besisuthu, okubalimaza kakhulu abafundi. UNggqogqoshe uScott ube esethembisa ukuthi uzozibika zonke izinkinga umphakathi obhekene nazo eminyangweni eqondene nazo kwi Khabhinethi yesifundazwe ama sebehlangana.



*UNgqongqoshe wezeziMali uNkk. Belinda Scott, inhloko yomnyango wezokuhlaliswa u NkK. G M Apelgren-NArkedien, inhloko yomnyango weZokulima u Dr Mkhize kanye namalunga omphakathi wase Haladu eNquthu.*

# Intuthuko ngohlelo lwe Post-Budget eNquthu



*UNgqongqoshe wezezimali uNkk. Belinda Scott nenhloko yoMnyango uMnu. Imiso Magagula bekuka ubuciko obakhiwe amalunga eKutloung Luncheon Club eMasheshelen eNquthu.*

NHLAKANIPHO BUTHELEZI

UMnyango kaMgcini Mafa KwaZulu-Natal, uholwa uNgqongqoshe wezezimali uNkk. Belinda Scott nenhloko yomnyango uMnu. Simiso Magagula bahambele indawo yase Masheheleni eku-wadi 12, eNquthu ngaphansi kohlelo lwe Post-Budget Outreach. Ihloso yalo okungu kwazisa nokuthola uvo lwabantu ngesabelo mali sika 2017/2018.

Lomucimbi obuhanjelwe izikhulu zomnyango, abaholi bendawo kanye namalunga omphakathi, ube yimpumelelo enkulu ekwaziseni amalunga omphakathi ngezinhlelo zokuthuthukisa lomphakathi.

"Sitshale izigidi ezingamashumi amahlanu zama-randi (R50 million) kulendawo, zokulungisa nokuvuselela izibhedlela nemitholampilo okubalwa kuzo; iCharles Johnson Memorial Hospital, iHlathi Dan clinic, Manxili clinic, iNondweni clinic kanye ne Thathezakhe clinic.

Kubekwe Izigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili zama-randi (R480 million) zokuvuselela izikole ezingamashumi ayisishiyagalombili (80) ezingekho esimeni esihle zalapha eNquthu kanye nesiFunda sonke saseMzinyathi," kusho uMagagula.

Ezinye izindawo ezihanjelwe kubalwa kuzo iSanelisiwe Co-operative eholwa abantu abasha egxile kakhulu ekuthungeni imifanekiswalo yezikole kanye nezikibha. Enye yezindawo nayo ezitholele ukuvakashelwa nguNgqongqoshe wezeZimali uNkk. Belinda Scott iKutloanong Luncheon Club eyakhiwa ngabantu asebebadala abangamashumi amabili nantathu.

UNgqongqoshe wezezimali uScott ube esenikela kulezizinhlangano, okubalwa kuwo imishini yokuthunga, izihlalo, isitofu namabhodwe.

"Lezizinhlangano ziwusiza kakhulu uHulumeni ekulwisaneni nenhlupheko, nasekuthuthukiseni lo mphakathi.

Ingakho kubalulekile ukuthi siziseke siphinde sisebenzisane nazo ukulwisana nezingqinamba umphakathi obhekene nazo; okubalwa kuzo ukwakha amathuba emisebenzi," kusho uScott.

# Kuchwaze 'umaSithole' eBhekuzulu uNgqongqoshe ethula olwezine bamaSiko

STHEMBISO SHANGASE



UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi wethule oLwezine Bamasiko maqede kwachwaza ihholo iBhekuzulu ophikweni lwaKwadlangezwa eNyuvesi yase Zulul ogwini olusenyakatho yeKwaZulu Natali.

Lomcimbi uqale ngomviliyelo obuholwa ungqongqoshe, imeya yendawo kanye nezikhulu zomnyango nezenyuvesi, yizintombi ebezihlobe zivunule ziconsa ngesintu kanye nezinsizwa kugqwayiziswa amafulegi amazwe aseAfrika washishinga waze yangena phakathi ehholo iBhekuzulu.

Esikhundleni sokumshayela ihlombe uma eshaya amagama abachazayo abafundi bebeveleli basho bonke kudume ihholo bathi "MaSthole" ngendlela ekhombisa ukuthakasela inkulumo yakhe ebigxile ekwakheni isizwe.

Umnyango Wezobuciko Namasiko usithathe ngonyaka odlule isinqumo sokuthi kugqugquzelwe izakhamuzi zesifundazwe ukuthi njalo ngolwesine ziqhakambise amasiko nemvelaphi ngokugqoka, ukudla ngisho nokukhuluma kanti ne khabhinethi yesifundazwe ikwamukele ukuthi ukuthi makube njalo.

UNgqongqoshe weluleke abafundi nezicukuthwane ebezithamele lolusuku Ongoye ukuthi kufanele kube nenguqukomqondo kubantu abansundu bazithande. "Masipheze ukuthi uma umuntu ebheda isilungu simhleke kodwa umlungu abhede ulwimi lwesintu simshayele ihlombe sithi uyazama" kusho uNgqongqoshe.

UNgqongqoshe ubuye wagxila nasemndenini esola ukuthi izingane seziphenduke umhlambi kazelusile nokwenza kube nezinkinga zabafana abahlukumeza abantu besifazane.

"Uma umfana ekwazi ukubulala intombazane ayishise ngomlilo maqede ayoyigqiba ehlane lokho kukhombisa ubulwane nokuthi akakhulisekanga kahle, ikakhulukazi obaba sengathi bayahluleka ukufaka isikole ebafaneni mayelana nokuthi uphathw akanjani umuntu wesifazane", kuchaza uMaSithole-Moloi. Uphinde wathinta nendaba yokuthi ukwazi amasiko nemvelaphi yakho kuyasiza ukuthi ukwazi ukuhlonipha nemvelaphi namasiko abantu ohlangana nabo ngoba uyakwazi ukuthi kuyinto ebaluleke kanjani empilweni.

Uthe ngesiko lilodwa umuntu uyakwazi ukugcina ukholo lwakhe aphinde acacelwe ukuthi yena ungubani nokuthi uphilelani. Nemeya yomkhandlu kamasipala iKing Cetshwayo uNksz Nonhle Mkhulisi ugcizelele ekuhlonishweni kwamasiko nokholo nesintu.

UNksz Mkhulisi ukhumbuze abebethamele lomcimbi wokwethulwa koLwezini Bamasiko ukuthi Isilo sasOndini sathi sesithathwa amangisi emva kokuguqa kwempi kaZulu, sacela ukuyobikela abaphansi ukuthi nakhu sesithathwa abelungu.

"Okwenzeka-ke ukuthi umkhumbi wamaNgisi owawumi maqondana naseSikhaleni awuvumanga ukusuka kwaze kwaba Isilo sinikwa ithuba lokuyobika emathongweni kaZulu, ukuthi nakhu sesithathwa nalapho safika isigodlo sesishisiwe savele sathetha idlozi ngenhla kwesibaya maqede sabuya kwaba usuyavuma-ke ukusuka umkhumnbi wamaNgisi neSilo uCetshwayo" kuchaza uNksz Mkhulisi.

Nabafundi abebethakasele loluhlelo bathembise ukuthi bazolugcina njalo uLwesine lwamasiko.

UNgqongqoshe nezikhulu baqede ukukhuluma base beya kozwa ukudla kwesintu samanye amazwe okubala imimfino nensima yase Burundi, Amasonja Amacimbi agazingiwe nemimfiyo yamacembe ezihlahla zasendle ase Angola, Inhlanzi ethoswe ngamafutha ekhethelo yase Mozambique nokwamanye amazwe.

Iqembu lomculo laseBurundi lisine lasantuza ingoma yezigubhu kwachazeka bonke abebekhona. Kutuswe inyuvesi ngokuba yingqalabutho ekukhipheni abafundi abagogode iziqu zemfundo ephezulu ama PhD ngesiZulu abane ngonyaka odlule.

# Isifundo ngokuvikelwa kolwazi olunobunikazi sethulwe izilondolozi-mlando

TALENT BUTHELEZI

Isifundo sesonto sanonyaka ebesihlelwe abezilondolozi-mlando KwaZulu-natali, besigxile kuMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Olunobunikazi.

Lesi sifundo sethulwe ehholo lase New Germany, mhlaka 17 May, 2017.

Loluphiko lezilondolozi-mlando olungaphansi koMnyango Wezobuciko Namasiko, lukhethe ukuqhakambisa umthetho wokuvikelwa kolwazi olunobunikazi njengoba unakho ukuthintana nokugcinwa kwemilando nokuqokelelwa kwayo.

Lesifundo besithanye abasebenzi abebeqhamuka eminyangweni ka Hulumeni eyehlukahlukene, omasipala kanye nabasebenza kuzo izilondolozi-mlando.

UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Olunobunikazi(POPI) waphasiswa ngo 2013.

Uqinisekisa ukuthi zonke izikhungu eziseNingizimu Afrika ziqoqa, ziwunge, zilondoloze bese zabelana ngalolu lwazi olunobunikazi, ngendlela efanele nekubeka ezandleni zabo ukusetshenziswa kwalo. Lomthetho usebenza ngokuhambisana nowesigaba 14 esikumthetho-sisekelo esiqhakambisa ilungelo lobumfihlo lokuba nemfihlo.

I-POPI iphonsela abasebenzi abakuhulumeni ukubaqinisekisa ukuthi llungengelo lobumfihlo liyagcineka ngokulondisisa ulwazi oluyimfihlo olukuma computer nalolu olungekho kuma computer.

Izikhulumi zosuku ebezikulesi sifundo bekungummeli ophinde abe ngumeluleki kwezomthetho usolwazi David Taylor, noMqondisi we Archival Platform, uJo-Anne Duggan.

USolwazi Taylor , owayengomunye woSolwazwi be ICT Law eNyuvesi yaseKapa, uchaze wenaba ngokuvikelwa koLwazi Olunobunikazi, kusukela emagameni abantu, izinombolo zamazisi (ID), umlando ngokugula komuntu, wathi akukho semandleni esakhamuzi nje esijwayelekile.

Izindlela ezinobudedengu zokulondozwa kolwazi olunobunikazi kumacomputer, nangaphandle kwawo, sekwenza lonke lolu lwazi lwawela ezandleni ezilusebenzisa ngendlela ezingafanele, okufaka abanikazi balololwazi kwezinkulu izinkinga.

UDuggan wabalula ukuthi ulwazi olunjengalolu belufihlelwa umphakathi esikhathini esiphambili seNingizimu Afrika.

"ILungelo leqiniso libalulekile yini okudlula ilungelo lemfihlo? Abalondolozi bolwazi azigcina kanjani ziphephile izimfihlo zabantu abaphilayo nabangasekho? Izithombe, izinhlolokhono, namacala asezi nkantolo agciniwe kungaba nomthelela ongemuhle uma kungaba semphakathini loku kwenza kube nzima ukuvikela ulwazi oluyimfihlo ingakho abalondolozi-mlando kumele bakubhekisise ukuhlonishwa kwelungelo lwemfihlo ngaphambi kokuphazamisa umlando isizwe esinawo", kusho uDuggan.





# Umphakathi waseNquthu uthakasile uNgqongqoshe uPillay ewazisa ngohlelo lwentuthuko

**SIBONGILE DLANGALALA**

Ngolwesithathu mhla ziyi-10 kuNhlaba wezi-2017, uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnu. Ravigasen Ranganathan Pillay uvakashele umphakathi waseQhudeni endaweni ebuqama ngama-100km ukusuka eNquthu.

Inhloso yokuvakashela le ndawo, bekungukusabela kukaHulumeni kukhwelo lika-Operation Sukuma Sakhe (OSS), oluphinde luyalele ukuthi imiphakathi yaKwaZulu-Natali ibandakanyeke ekubhekaneni nezinselelo esingabala kuzo ububha kanye nokwentuleka kwemisebenzi.

IHholo lomphakathi laseQhudeni beligcwele lichichima njengalokhu noma ubani wayezibonela nje ukuthi umphakathi wawulinde ngelikhulu isasasa leli, ulangazelele ukuzwa ukuthi uNgqongqoshe Ravi uwuphatheleni.

Okwakuphawuleka ukuthi umphakathi awunalutho olutheni njengalokhu ukude nendawo esedolobheni kodwa uwumphakathi ohleli ethembeni futhi ukwazi ukuzenzela. Omama bayazitshalela futhi bazilusela izinkomo zabo ngenkathi izingane zisesikoleni.

Enkulumweni yokwamukela, inkosi Stefan Sithole ubonge uHulumeni wesifundazwe ngomsebenzi osuwenzele emphakathi, wabe esethi "izingane zethu azilambi ezikoleni.

Sibonga siyanconcoza ngohlelo lokuphakelwa kwezingane ezikoleni, izingane zethu azisahambi ibanga elinde uma ziya esikoleni, nalapho sibonga izithuthi ezihlinzekwa uHulumeni".

Ibe seyigxeka abantu abaduba imicimbi kaHulumeni futhi ababeka uHulumeni amabala bathi ubathembisa ize leze.

Ibe seyinxusa abantu bayo ukuba bavote okhethweni oluzayo. Ngokwenzenjalo, bazokwazi ukuba nezwi lokuthi ubani okumele abahole futhi kuzobasiza ekutheni indawo yabo ithole ukuthuthukiswa.

Ethula inkulumo yakhe, uNgqongqoshe Pillay waqinisekisa umphakathi ngezinhlelo zentuthuko ezizolethwa endaweni.

Uye wabika ukuthi kugunyazwe umklamo wezindlu ozodla imali engu-R62 million, kanti esigabeni sokuqala salo mklamo kuzokwakhelwa umphakathi waseQhudeni izindlu ezingama-500".

Ube esezibophezela ekutheni uzokwakhela indlu uMaswazi Mncube, ugogo omdala ongaboni emehlweni oneminyaka engama-83 futhi ohlala yedwa endlini esidilikile. Ngokusho kukaMnu. Pillay ukwakhiwa kwale ndlu kuzobe sekuphothuliwe ngoNtulikazi wezi-2017.

Uye wawuncoma futhi umphakathi indlela onethemba ngayo ngesimo sokuphila kwawo. Wananela ngokuthi athi "nakanjani ngizomazisa uNdunankulu waKwaZulu-Natal ngengikubone lapha emphakathini waseQhudeni okhuthele, ohlelekile, onogqozi futhi ozimisele ngokuthi uzithuthukise wona nemindeni yawo".

Umuntu ubengalindela ukuthi abantu baseNquthu babe ngumphakathi ongalawuleki ngenxa yesimo esikhungethe umasipala wale ndawo.

UMasipala waseNquthu wahlakazwa ekuqaleni kwalo nyaka ngenxa yokulokhu wehluleka ukuqoka umkhandlu wawo. Indlela umphakathi waseNquthu ocabanga ngayo nangendlela oziphethe ngayo kuyisibonelo esihle futhi kufaka ugqozi maqondana nendlela abantu abahlala ezindaweni zasemakhaya abaphila ngayo.

Bakushaya indiva ububha abaphila kubona ngokuba basebenze kanzima bazithuthukise ngalokho abanako.

Abalindeli ukwenzelwa uhulumeni, kunalokho bafuna uhulumeni ubalekelele kumbe ubeseke futhi bazimisele ukuzithuthukisa ngokwabo.



*UNgqongqoshe u-Ravi Pillay kanye nenkosi Stefan Sithole bekanye nabesifazane abangabaholi endaweni.*
***Isithombe:** LIHLE BHENGU*

# Umtitilizo wezinkomo ubashiye bemamatheka abahweba ngemfuyo oThukela

**BRENDA MQWAMBI**

Zithengwe ubuthaphuthaphu izinkomo zabafuyi base Mnambithi ngaphansi kweSifunda uThukela endalini ebise Rockcliff ebihlelwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali ngokubambisana nabe- Ikusasa Lemfuyo Livestock kanye ne- Vlei & Kraal Association.

Ngokusho kuka mhlonishwa uThemba Mthembu ongungqongqoshe weZolimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, uthe lendali yezinkomo iba minyaka yonke khona eMnambithi ngenhloso yokulekelela labo abahweba ngemfuyo ukuba bekwazi ukuzikhangisa futhi iphinde ilekelele ekubaxhumaniseni nabathengi bezinkomo.

"Lendali iba khona njalo onyakeni kulendawo ngenhloso yokusiza abadayisa imfuyo ukuba bafinyelele kalula kumakhasimende abo futhi bekwazi nokudayisa isibalo esiphezulu sezinkomo bethole imali eyisamba. Nalabo abathenga imfuyo bayasizakala ngoba bafinyelela kalula kubahwebi futhi bekwazi ukukhetha kahle eningini," kusho uMvelase.


*Ezinye zezinkomo ebezidayiswa endalini ebiseMnambithi*
***Isithombe:** MBUYISELO NDLOVU*

UNgqongqoshe uqhube wathi loluhlelo luyamthokozisa kakhulu ngoba abafuyi bathola ithuba lokudayisa izinkomo zabo ngendlela elula nesheshayo.

Uqhube wathi indali isiza abafuyi ikakhulukazi abampisholo njengoba ethe abakwazi ukufinyelela ezimakethe ezinkulu ezizothenga isibalo esiphezulu.

"Abantu abahweba ngezinkomo kanye nabathengayo bathola ithuba eliyingqayizivele lokuba badayiselane izinkomo ngenani elizogculisa lowo odayisayo kanye nothengayo.

Lokhu kulekelela ikakhulukazi abafuyi abamnyama ngoba iningi labo abanazo izimakethe ezithenga inani eliphezulu lemfuyo yabo," kusho uMthembu.

UDkt uThemba Sikhakhane naye ovela kuwo uMnyango ophikweni lodokotela bezilwane, uthe bayakuqikelela ukuthi abafuyi bathola usizo lwezempilo emfuyweni yabo ukuze beyidayise isesimweni esichachambile. "Thina njengo Mnyango siyaqinisekisa ukuthi izinkomo zifika zisesimweni esigculisayo ekutheni zingadayiseka ngenani eliphezulu,

Abafuyi siyabasiza nangemithi yokulapha kanye nokugoma imfuyo yabo, siphinde sibalekelele ngolwazi olunzulu oluthinta impilo yemfuyo, ukunakekelwa nokwandiswa kwayo," kuchaza uDkt uSikhakhane.

Ngaphambi kokuba indali iqale izinkomo ziyakalwa isisindo sazo ukuze zidayiswe ngokwesisindo saso, kubhekwe impilo yazo, kanye nomzimba ukuthi usesimweni esinjani. Inani lenkomo liyehla uma inkomo ingekho esimweni esihle ngokwempilo.

UMthembu wephethe ngokunxusa uphiko loMnyango olubhekelele ezokuXhumana ukuba lusebenzise amaphephabhuku oMnyango ukushicilela yonke imininingwane ezodingwa ngabalimi kanye nabafuyi.

Uthe lokhu kuzokwenza kube lula ukuthi abalimi nabafuyi bazi ngezinhlelo uMnyango onazo futhi kubasize ngokubazisa ngezikhathi nosuku lapho kuzobe kunendali khona.

Ikusasa Lemfuyo Livestock likwaze ukudayisa izinkomo ezingu 98, nokuyisibalo esiphezulu kakhulu uma kuqhathaniswa nesangonyaka odlule nokwenze ukuba bathole isamba esingu R 940 206-00.

Inkomo edayiswe ngenani eliphezulu ibe ngu R 15 700-00 kanti edayise inani eliphansi yona ibize u R 4 400-00.

# UMnyango wezoLimo uziphendulile izikhalo zabalimi baseNquthu

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Umphakathi wase Nquthu uyibone ngamehlo intuthuko kulandela ukutheleka kuka Ngqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu ehambisana nowezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli boMdabu KwaZulu-Natali, uNkkz Nomsa Dube-Ncube endaweni yaseMagogo esizweni senkosi uMncube, eNquthu enkabeni yesiFundazwe.

UMthembu wethule indathane yezinhlelo kubandakanya nokuvulwa kwamadiphu ezinkomo okungelase Silutshana, Magogo, Ndaweni, kanye nelase Hlazakazi.

UMvelase uphinde wanikela ngezinsiza zokuqhubeka nokwakha inkambi yezinkomo eMagogo ngenhloso yokulekelela abafuyi ekubhekaneni nezidingo zabo zokufuya nokuqinisekisa ukuthi ukufuya akuphazamisani nokulima.

UNgqongqoshe uMthembu ubuye wemukela nezinye izicelo zabafuyi azichaze njengento engumgogodla wempilo yabafuyi. "Sixoxile nosihlalo kaSoseshini weMfuyo wakulendawo, uMnuz uThwala ngaphambi kokuqala kwalomcimbi. Ungitshelile ukuthi nisadinga amanye amadiphu amabili nokuyinto okufanele nakanjani siyenze ngoba ingukuphila kwenu, ifana nomoya esiwuphefumulayo ukuze siphile, nani-ke niyawadinga ukuze niphile," kusho uMthembu.

UMvelase ubuye waveza nokuthi uMnyango wakhe uphezu kwezinhlelo zokulekelela ngezivande ukuze kuliwe nobubha.

"Sisazoqhubeka nokwethula izinhlelo ezizonisiza ekulweni nendlala njengoba siphezu kwezinhlelo zezivande ukuze abantu bengagibeli amabanga amade beya emadolobheni ukuyothenga ukudla abangazitshalela khona.

Kunohlelo lwamakhowe engifisa ukuthi nilukhuthalele uma lufika kini njengoba sesike salwethula ngenyanga edlule khona lapha eNquthu, eManxili." kuqhuba uNgqongqoshe uMthembu.

Uthe amakhowe anemisoco nezakhamzimba ezifanayo futhi ezilinganayo nalezo ezitholakala enyameni, ngalokho uthe ukhuthaza abantu ukuthi bawathande ngoba atholakala ngenani eliphansi uma kuqhathaniswa nenyama.

OwezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli boMdabu eSifundazweni, uNkkz uNomsa Dube-Ncube uthe ukubambisana kwaleminyango emibili kuzothela izithelo ezinhle.

"Idamu lakwaHlazakazi kuzofanele silisebenze ngokukhulu ukuphazima kweso ngoba liyisidingo esikhulu kini njengoba lizosiza ngamanzi okuzobuye kuhlomule kulo abalimi nabafuyi," kusho okaDube-Ncube.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu kanye noNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli boMdabu KwaZulu-Natali uNkkz uNomsa Dube-Ncube besemcimbini wokwethulwa kwezidingo-ngqangi kubantu baseNquthu.* ***Isithombe:*** **MANDLA MKHIZE**

Lendumezulu yomcimbi ibihanjelwe ngamalungu eSishayamthetho seSifundazwe kanye nabaHoli boMdabu okubandakanya inkosi uMncube yakhona eMagogo, yinkosi uHlatshwayo eNondweni, yinkosi uSithole eQhudeni kanye neyakwa Mazibuko eSandlwana ebuye ibe ngusihlalo weNdu yabaHoli boMdabu eSifundeni uMzinyathi.

Amaduna eSilo anxuse uNgqongqoshe uMthembu ukuthi ahambele ezindaweni zawo ukuzotakula imiphakathi yawo ngezinsiza ezifanayo ngoba nayo ikhala esifanayo nesase Magogo esesiphendulekile.

Inkosi uMazibuko ithe:

"Ngqongqoshe siyabonga kakhulu ngakho konke lokhu esikubonayo okulethele abantu baseMagogo.

Egameni lamakhosi akhona lapha eMzinyathi, njengoSihlalo wawo ngiyawanxusela kuwe Mvelase ukuthi uhambele zonke izindawo esiziphetheyo ukusiza imiphakathi yakithi ngosizo olufanayo nalolu olulethe lapha ikakhulukazi izinkambi ukuze ukufuya kungaxabani nokulima," kusho inkosi uPhuthini. Amazwi kaNzima ananazelwe yinkosi uMncube ephinde yaveza umbono wokuthi uNgqongqoshe uMthembu abambisane noweMfundo, umhlonishwa uDlungwane ekugxiliseni isiko-mpilo lokulima kubafundi ezikoleni ukuze bekhule bazi ukuthi umnotho ukhona emhlabathini njengoba namathuba omsebenzi entuleka kulezi zinsuku.

UMvelase wephethe ngokuthi izikhalo neziphakamiso zonke ezilethwe ngamakhosi nososeshini bemfuyo nababalimi uzozicubungula ngokushesha ngoba kuyisibophezelo sabo njengo Hulumeni weSaifundazwe ukuletha izidingo-ngqangi kubantu.

# IHhovisi laseMsinga lizomela uMnyango wezoLimo eSifundazweni

**SINDY MLOTSHWA**

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali umhlonishwa uThemba Mthembu, ukhuthaze ukuzimisela nokuzikhandla kubasebenzi ukuze bewumele ngempumelelo uMnyango emncintiswaneni weSifundazwe.

UMthembu ubekhuluma emcimbini wokwethulwa kwemiphumela yomncintiswano woMnyango wokusebenza ngokuzinikela kwabasebenzi bawo.

Lomcimbi obuse Latitude Conference Centre, eDube Trade Port, enyakatho yeTheku, ubuhlelwe yihhovisi likaNgqongqoshe uMthembu ngenhloso yokugqugquzela ukusebenza ngokuzimisela kubasebenzi ekwethulweni kwezidingo zomphakathi.

Ubuhanjelwe yizikhulu zoMnyango ezisemazingeni ahlukene kanye nezivela emahhovisini ahlukene akulesi siFundazwe. Lomncintiswano walo Mnyango waminyaka yonke obizwa nge Service Excellence Award uba yisandulelo salowo osuke uhlelwe yihhovisi likaNdunankulu weSifundazwe osusemome kanti nawo uba minyaka yonke nalapho iMinyango eyahlukene isuke idlana imilala emikhakheni eyahlukahlukene ngaphansi kwengqikithi yokulethwa kwezidingo kubantu.

Lokhu kwenziwa ngenhloso yokugqugquzela ukuzinikela kwabasebenzi bakahulumeni emsebenzini wabo.

UNgqongqoshe woMnyango uMnuz uThemba Mthembu ubongele bonke abaphumelele.

"Ngiyazi ukuthi nonke njengoba nilapha nisebenza kanzima futhi ngokuzimisela kodwa kufanele sikuqonde ukuthi ngeke kwenzeke abantu bephumelele bonke emqhudelwaneni, uba munye obaqwaqwada bonke.

Ngalokho-ke sibongela labo abaphumelele namuhla, ngibanxuse nje ukuthi beqhubeke njalo nokuzikhandla ukuze kusizakale abantu bakithi emiphakathini. Nalabo abangaphumelelanga nabo bakhuphule amasokisi, bengapheli amandla ngoba ngokuzayo kungenzeka sibungaze bona," kusho uNgqongqoshe uMthembu.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz uThemba Mthembu emcimbini obizwa nge Batho Pele Excellence Service Awards.* ***Isithombe:*** **MBUYISELO NDLOVU**

Obambe njengeNhloko yoMnyango uMnuz uJerry Mfusi uthe: "Njengoba sibuthene lapha namuhla, size ukuzobungaza nokuzoklomelisa labo abasebeza ngokuzinikela. Sinxusa-ke ukuba niqhubeke njalo nokuzikhandla ukuze nibe yisibonelo esihle kubo bonke abasebenzi bakahulumeni wesifundazwe sethu," kusho uMnuz uMfusi. UMvelase ushayele ihlombe ihhovisi laseMsinga eliholwa yingqwele endala esisebenzele loMnyango iminyaka engaphezu kwama-30, uMnuz uThengezakhe Ngubane ngokuqwaqwada elaseMkhanyakude nalapho uMsinga ukhale wemuka khona nendondo ye-Batho Pele Team of the year ngaphansi kwemigomo yeBatho Pele okuyimigomo kahulumeni elawula ukusebenza kwabasebenzi ekubhekaneni nezidingo zabantu. "Ithemba lethu-ke likini, sesithembele kini njengehhovisi leseMsinga ukuthi nizoqhubeka nokubeka noMnyango ebalazweni njengoba sibheke ekutheni sibe nokhukhulela-ngoqo womncintiswano wesifundazwe.

Nalapho ngiyethemba ukuthi niyosimela ngempumelelo, niyokwenza njengoba kwenza ihhovisi lakwaMhlabuyalingana nyakenye okuyilona alalisimele," kwephetha uMthembu ebonakala ukuthi uchichima injabulo.

IHhovisi lwakaMhlabuyalingana okuyilona elalingenele laphinde laklonyeliswa kulomkhakha, lahamba laze layomela isiFundazwe emqhudelwaneni kaZwelonke laphinde laphumelela ngamalengiso nokuyilapho kwakuqhudelana khona izifundazwe zonke zakuleli.

Izazi zakuchaza lokhu ngokuthi uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni usebenza ngokuzikhandla okudlula zonke izifundazwe neminyango ekhona kuhulumeni wakuleli.

**MELBA NZIMANDE**



*Abasebenzi boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi bekhuza izaga zokukhomuza abadlali.*
***Isithombe:** NOKWANDA MAKHANYA*

# Abomnyango weZemisebenzi Yomphakathi benze ezibukwayo Emidlalweni ehlanganisa imiNyango kaHulumeni

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali ubuyingxenye Yemidlalo Ehlanganisa iMinyango kaHulumeni ebibanjelwe ezinkundleni zemidlalo i-Vlei Sport complex e-Richards Bay mhla ziyi-19 kuya zingama-20 kuNhaba wezi -2017.

Le midlalo yayenganyelwe futhi ihlelwe nguMnyango Wezemidlalo Nokungcebeleka ngokubambisana neHHovisi likaNdunankulu.

Ukuqhubeka kokuzibandakanya kwabasebenzi bakahulumeni kwezemidlalo kwasukela ekhweleni elahlatshwa yilowo owayenguNdunankulu Wesifundazwe saKwaZulu-Natali phambilini, uDkt. ZL Mkhize ngesikhathi le midlalo yethulwa ngokusemthethweni ngonyaka wezi-2009, nokuyilapho agcizelela khona ukuthi 'le midlalo kumele isingathwe minyaka yonke'.

Inhloso yale midlalo isuselwe ohlelweni lwesifundazwe olubizwa nge- 'Work and Play' Wellness Programme okuhumusheka ngokuthi 'Sebenza ubuye Udlale' olugqugquzela bonke abasebenzi bakahulumeni ukuba bahlale bezivocavoca futhi balandele indlelampilo efanele.

UPhiko lwethu olubhekele Ezempilo kanye Nenhlalakahle Yabasebenzi yilona–ke olusingethe lezi zinhlelo eMnyangweni wethu, nokuyinto egqugquzela abasebenzi ukuba bazigcine bephilile.

Lokhu kubaluleke kakhulu kubasebenzi bakahulumeni kwazise phela uma bezinikeza isikhathi sokudlala lokho kwenza benze umsebenzi omuhle noncomekayo nsuku zonke.

IMinyango ibinabayimele emidlalweni enhlobonhlobo okuyibhola lezinyawo (labesilisa nabesifazane), ibhola lomnqakiswano, i-volleyball, Umdonsiswano Wentambo, ama-athletics kanye nemidlalo yesintu. Sibonga uphiko olubhekele Ezempilo kanye Nenhlalakahle Yabasebenzi eMnyangweni, okuyilona olwenze umsebenzi oncomekayo ngokunikeza abasebenzi ithuba lokuba babe yingxenye yale midlalo.

Yize sazi ukuthi kunanoma yimiphi imidlalo kumele kube khona abanqobayo nabehlulwayo, kodwa kule midlalo imiphumela ayiyinqindanga inhlokomo, intokozo kanye nenjabulo yezibukeli ngokunjalo neyabadlali. Kuyancomeka kakhulu ukuthi sekuze kwaba yiminyaka eyisishiyagalombili iSifundazwe saKwaZulu-Natali sisingatha ngempumelelo le midlalo yaminyaka yonke ehlanganisa yonke iMinyango kahulumeni. Impela, lokhu kuyimpumelelo enkulu yesifundazwe ekugqugquzeleni ubudlelwano obuhle phakathi kwabasebenzi bakahulumeni.

Sihalalisela abasebenzi boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngokusebenza ngokuzikhandla kanye nokuzinikela kwabo ekulungiseleleni nasekubambeni iqhaza kule midlalo. Kwenziwa ngomoya wokutshala 'uzwano nobungani' ukugqugquzela bonke abasebenzi kanye nalabo abasanda kufika eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi ukuze nabo babambe iqhaza kule midlalo eminyakeni ezayo.

Le midlalo ayigcinanga nje kuphela ngokunikeza abasebenzi ithuba lokuba bake bashaywe umoya, kepha yaphinde yavuselela imimoya yabaningi futhi kwakheka nobungani obungasoze baphela.

> *"Inhloso yale midlalo isuselwe ohlelweni lwesifundazwe olubizwa nge- 'Work and Play' Wellness Programme okuhumusheka ngokuthi 'Sebenza ubuye Udlale'"*

# UKaunda ubheka izinhlelo ezinqala zokulwa nezingozi

**NONHLANHLA NDWANDWE**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda umemezele ukuthi ziningi izinhlelo uMnyango onazo ukuzama ukulwa nesihlava sezingozi ezisabalele.

UKaunda umemezele lokhu ngenkathi ehambele eMandeni enkonzweni yokukhulekela ukwehla kwezingozi zomgwaqo ezidlula nemiphefumulo eminingi esifundazweni.

Lo mkhuleko obuhanjelwe ngabamahlelo ehlukene bevathe izivatho ezinhlobonhlobo uqale ngokuthi uKaunda nethimba labefundisi bayobeka izimbali ngaphansi kwebhuloho kuthelawayeka u-N2 njengesikhumbuzo sabantu abashonela emgwaqeni.

Uthe usehlangene nabezokushushiswa ukuze kubuyekezwe amacala kanye nezigwebo ezinikwa labo abasuke beshayele budedengu baze badala izingozi ezigcina zishiye inqwaba yezintandane ezingenabani.

"Labo bashayeli abashayela budedengu nabangayithobeli imithetho yomgwaqo bazozithola bephucwa izincwadi zabo zokushayela unomphela hhayi isikhashana.

Sibe sesibona ukuthi abangasali ngaphandle nalaba abaphula imithetho yomgwaqo bese bethola amathikithi agcine esenqwabelene bengawakhokheli.

Sifuna ukuthi uma behluleka ukuwakhokha kuzodliwa izimpahla zabo ezilinganiselwa emalini leyo abasuke beyikweleta," kuchaza uKaunda.

UKaunda ubuye wexwayisa abanikazi bemfuyo eluvanzi kothela-wayeka ukuthi njengoba nayo esikhathini esiningi iyabandakanyeka ezingozini zomgwaqo.

Uthe ngokusebenzisana noMasipala bonke basabonisana ngomthetho wokuthi kusungulwe isikhungo esizogcina yonke imfuyo eshaqwe emgwaqeni igcinwe kusona kuze kuqhamuke umnikazi wayo esezoyikhipha ngemali eyinhlawulo njengoba kusuke kwenzeka nasezimotweni.

Ubuye wathi ukuzama ukunqanda izingozi uMnyango ususungule ithimba elizohlola isimo semigwaqo ukubhekisisa ukuthi ingabe likhona yini iqhaza lemigwaqo elingaholela ekudalekeni kwezingozi yikhona kuzokwenziwa imizamo ukunqanda lesi simo.

"UMnyango awuhleli kodwa wenza yonke imizamo futhi wamukela zonke izincomo ezikhona ukunqanda lesi sihlava esihlasele.

Sizofaka imibhalo emikhulu kuwona wonke amabhiliji akuleli abhalwe ngesiZulu ukuthi "Akumiwa phezu kwebhiliji". Ngalokhu sizama ukunqanda izigameko zokushawa ngamatshe kwezimoto abantu abasuke bemi phezu kwamabhiliji," kuchaza uKaunda.

Uthe bazovalelwa esitokisini bonke abantu abahamba kuthela-wayeka, wathi kuzoba nebhasi elizohamba libaqoqa bonke bayovalelwa baze badedelwe ngakusasa.

"UHulumeni obakhathalelayo abantu ubakhele amabhiliji ahamba phezu kothelawa-wayeka ukuze kuhlengeke izimpilo zabo, kodwa bona bakhetha ukuwashiya banqamule kuyona le migwaqo eyingozi bese kudaleka izinkinga," kuphetha uKaunda .



*Abaholi bamabandla ahlukene bethandaza kuthela-wayeka oku-N2 ngaphansi kwebhilijii eMandeni ngesikhathi kunenkonzo yokukhulekela izingozi ngempelasonto.*



*UMnu Mxolisi Kaunda uhambisana neNkosi yaseMacambini iNkosi Mthokozisi Mathaba beyobeka izimbali ebhilijini elikuthela-wayeka ku-N2 ngesikhathi kunenkonzo yokulwa nezingozi zomgwaqo eMandeni.*
***Izithombe:** MBUYISELO NDLOVU*



*UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda neNkosi yaKwaSithole behlola ibhuloho lezimoto ebelivulwa ngokusemthethweni iMlambomunye eNquthu.*

# Injabulo emphakathini kuvulwa umgwaqo nebhuloho eNquthu

**MANDISI MHLONGO noSTHEMBILE LUTHULI**

Kulethe ithemba elisha ukwethulwa ngokusemthethweni kwebhuloho lezimoto iMlambomunye elivulwe ngokusemthethweni kanye nesigaba somgwaqo u-P16 eNquthu ngeledlule.

Ngaphandle kokuthi leli bhuloho lizokwenza ezokuhamba zibe lula kanye nokufinyelela kalula ezindaweni ezahlukene, ukuvulwa kwalo kuzokwenza kube nokuxhumana phakathi kwemiphakathi emibili yaseMsinga nowaseQhudeni, eNquthu.

Le ngqophamlando yengqalasizinda edle imali ebalelwa ku-R800 million isihlanganisiwe ivulwe ngaphansi kohlelo lukahulumeni lokuthuthukisa izindawo zasemakhaya.

Isigaba sika-P16 singamakhilomitha angu-44 ubude kanti siphinde sibe yingxenye yomgwaqo omusha uP752 nokuyiwo ozoxhuma ibhuloho lezimoto uMlambomunye eQhudeni. Ekhuluma nezinkumbi zabantu abebehambele lo mcimbi nebezikhombisa ukuyithakasela kakhulu le misebenzi, uMphathiswa woMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uthe: "Kuyangithokozisa ukuba yingxenye yokulethwa kwale ntuthuko enkulu kangaka kule ndawo yaseNquthu.

Okungithokozisa kakhulu ukuthi ukwakhiwa kwaleli bhuloho kuwuphawu loxolo phakathi komphakathi waseMsinga nowaseQhudeni ngemuva kokubulawa kwabantu abebesolwa ngokweba imfuyo esikhathini esidlule." Ukulethwa kwale ngqalasizinda kuze nentuthuko endaweni yaseNquthu futhi ezolokhu iqhubekile nokuthi igeleze njalo nasesikhathini esizayo kule ndawo.

Umphakathi wona usuzokwazi ukuthi ufinyelele kalula eduze nezinsiza-kusebenza ezingaletha intuthuko kwezomnotho endaweni. UMnyango usufake izigidigidi zamarandi kuMkhandlu waseMzinyathi ezinhlelweni eziningi ezahlukene zentuthuko nokusekuzuze amalungu amaningi omphakathi ngamathuba emisebenzi ukuze kuxosheke ikati eziko. "Ukwakhiwa kuka-P16 nje uwodwa kudaleke amathuba emisebenzi angu-324 kubantu bendawo bese kuthi ibhuloho uMlambonye lona lihlomulise izakhamizi ngamathuba angu-222 nazolokhu eqhamuka isikhathi esingaphezu kweminyaka eyisithupha," kusho uKaunda.

Ngaphezu kwalokho, ngaphansi kohlelo lukaHulumeni lwezinguquko ezinqala kwezomnotho i"Radical Economic Transformation", uMnyango uzoqiniseka ukuthi amaphesenti angu-35 wemali oyifakile kulolo nalolo hlelo luyabuya luya kuwo lowo mphakathi.

"Lokhu sizokuqiniseka ngokuthi intsha yendawo ihlomula ngamaphesenti angu-35, kuthi abesifazane bendawo bahlomule ngangu-30 bese kanti abakhubazekile bona bahlomule ngo-5% bese kuthi u-10% wona uhlomulise omakadebona bamasosha" kuchaza uKaunda.



*Umgwaqo omkhulu u-P16 obekuvulwa isigaba sawo esiseNquthu.*
***Izithombe:*** *MBUYISELO NDLOVU*






INGQUNGQUTHELA YENHLALONHLE
UBUMBANO KANYE NOKUHLUMELELISWA KWEZIMILO ESIFUNDAZWENI

INKOMFA
01 - 02 JUNE 2017
KWAMASHU CHRISTIAN CENTRE

"Siqinisa inhlalonhle, ubumbano Kanye nokuhlumeleliswa kwezimilo ekubumbeni isizwe esichumayo KwaZuluNatali Kanye nasekwakheni kweSizwe sonke"



MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
KWAZULU-NATAL PREMIER

**UMnu MTHANDENI DLUNGWANE**

**UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL**



# UDLUNGWANE UHAMBELE IZIKOLE ZASEMZINYATHI DISTRICT

**MBALI ZULU**

Ugaleleke kwazwakala uMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natal uMhlonishwa uMthandeni Dlungwana ezikoleni ezine ezingaphansi kwesifunda saseMzinyathi esingaphansi kobuholi buka Mnu. Sphiwe Kheswa ongumqondisi Phakathi kwethimba ebeliphelezela uMphathiswa, bekukhona uNkk Judy Dlamini ongu DDG, uNkk Weziwe Hadebe obhekele ezenqalasizinda, abahloli besifunda uMzinyathi kanye noMhlonishwa uJomo Sibiya, oyilunga lesiShayamthetho sa KwaZulu- Natali.

iLangazela Secondary School esisesigodini sase Nondweni ku Ward 6, kube isikole sokuqala lelithimba elifike khona ngezikhathi zasekuseni. Lesisikole sinabafundi abangu 786 bebonke kanti bangu 190 abakumatikuletsheni kulonyaka ka 2017.

UDlungwana ufike wahlabeka umxhwele ngendlela abafundi abebebukeka kahle ngayo bekhombisa ukuthi bangabafundi abalalelayo bebegqoke umfaniswano wabo ngendlela efanele, bebonakala ukuthi bayomele imfundo.

Ekhuluma nabafundi, uMhlonishwa Jomo Sibiya uthe kubalulekile ukuzimisela nokulalela ngaso sonke isikhathi khona bezophumelela ngoba ukuphumelele kwabo ukuphumelela kwe Nondweni nokuthuthuka komphakathi wonke.

UMphathiswa uDlungwana ekhuluma nabafundi uthe "Ngithathe lelithuba ukuba ngize lapha ngenhloso yokuzobona isimo enisebenza nenifunda ngaphansi kwaso, ngoba uma ngihleli ehhovisi ngingezi kini ngeke ngibone ukuthi nidingani, ngasikhathi sini. Yingakho ngila eMzinyathi namhlanje ngifisa nazi ukuthi siwuhulumeni onibhekile futhi siyangenelela lapho kunesidingo khona ngoba siwuhulumeni onakekelayo.

Ngifisa nazi ukuthi sibheke okukhulu kini ngoba sinethembile.

Kulabo abenza kakhulukazi umatikuletsheni ngifisa nizimisele kakhulu nikhuphule izinga eniphasa ngalo kulonyaka," Kubeka uMphathiswa.

Abafundi baseLangazela abatholanga inhlahla yokuvakashelwa uMphathiswa kuphela, baphinde bathola nenhlahla yokuthi esefikile phakathi kwamagceke esikole, wakhipha umfaniswano kulabo bafundi abanesidingo.

Kube kuhle kakhulu kubafundi bazibonele ngempela ukuthi banomholi onakekelayo njengokusho kwenkulumo yakhe uDlungwana ukuthi bayangelela la kunesidingo khona. Lelithimba liphinde ladlulela eMsimbu Secondary School esakhele ku Ward 2 kwisigodi sase Slutshane. Nakhona lelithimba lifike labheka isikole kanye nesakhiwo ukuthi sisezingeni elifanelekile.

Efika eMsimbu uDlungwana uphinde wabonga abafundi ngendlela abafake ngayo umfaniswano wathi mabaqhubeke njalo nokuzimisela njengabafundi.

Nakhona baphinde babasenhlahleni yokwamukela umfaniswano kanye nezicathulo ezintsha sha. Ube esedlulela nase Mgombane Primary School isikole samabanga aphansi esakhiwe ngaphansi kwenkosi uMncube khona ku Ward 2. UMphathiswa uncome kakhulu uThishanhloko wamunxenxa ukuthi aqhubeke aphathe kahle isikole ngoba imfundo yamabanga aphansi ibalulekile kakhulu.

UMphathiswa ube esedlulela eMaceba High School eku Ward 13 lapho kade edlulisela noma ethula ngokusemthethweni isakhiwo esisha samagumbi okufundela amasha athathe izigidi ezinhlanu ukuwalungisa.

Ekhuluma nabafundi uthe, "IMaceba High School esinye sezikole esenza kahle nesiziqhenyanyo ngaso.

Lokhu sikusho ngoba seniphumelele kahle eminyakeni emine edlule lokhu niyibambe ku 90% kwimiphumela kamatikuletsheni." kulonyaka bangu 196 abantwana abazobhala umatikuletsheni 2017 kulesiskole.

"Ngize lapha ukuzokwethula ngokusemthethweni lesakhiwo esisha kini.

Lesakhiwo sekungesenu ngokusemthethweni. bafundi kulonyakanya ngiyanicela ukube nithole 100% kwimiphumela kamatikuletsheni khona ngizobuya ngonyaka ozayo sizojabula sonke ngenxa yemiphumela emihle enizoyithola kulonyaka.

Ngiyazi nenza kahle kepha lonya ngicela 100% okusho kuthi niyangikweleta kulonyaka nginifisela okuhle kodwa" kuphetha uDlungwana ephetha uchungechunge lohambo lwakhe.




*Isithombe:* **BONGEKILE KHUMALO**

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# I-NAPROV PM & E Forum ifuna uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi usebenze ngokuzikhandla maqondana 'nokubusa okuhle'

**VUSI SHABALALA NO LIHLE BHENGU**




*iThimba elibhekele UkuQapha Nokuhlola:uThembinkosi Dlamini, uCharlene Rungasami, uNonhlanhla Khanyile, uZanele Majola kanye noZamo Zwane.* **Isithombe:** ***LIHLE BHENGU***

NgoLwesine, mhla zizi-4 kuNhlaba wezi-2017, uPhiko olubhekele Ukuqapha Nokuhlola loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, oluholwa nguMnu. Zamo Zwane lwaqinisa izifociya zokunikezelwa ngezidingo njengoba kwakusingethwe iSithangami Sikazwelonke kanye neseSifundazwe sezokuHlela,

Ukuqapha kanye Nokuhlola (i-NAPROV PM & E) eThekwini Conference Centre, eMayville, eThekwini. Esithangamini sokugcina esasisingathelwe kuyo le ndawo zingama-21 kuNhlaba wezi–2015, yonke iMnyango Yezemisebenzi Yomphakathi yathatha isinqumo sokwenyusa umfutho kanye nokuzijwayeza 'ukubusa okuhle' ngokuthi ibike imiphumela okuyiyonayona emaqondana nemiklamo kanye nezinhlelo ezethuliwe.

Enkulumweni yakhe yosuku, uNkk. Sindi Linda, uMqondisi oMkhulu woPhiko Lwezokulawulwa Kwezakhiwo, wagcizelela ukubaluleka kokuba yonke iMinyango Yezemisebenzi Yomphakathi, engamalungu e-NAPROV PM & E Forum iqhubeke nokusebenzisana "njengomndeni" ekufezekiseni izinhloso nezinjongo zomsebenzi ejutshelwe wona. NgokukaNkk Linda, 'isithangami' kufanele siqale silandela inqubo ejwayelekile yokufezekisa, ukukhulisa kanye nokwenyusa izinga lokwenza ngcono lapho kubikwa. I-NAPROV PM & E Forum yonyaka wezi-2017 igxile ekulandeleni imigomo yezinqubo ezisetshenziswayo zokubika ngoba uPhiko 'lwezokuHlela, ukuQapha kanye nokuHlola' yilona olusemqoka njalo ekuhlahleni indlela ephokophele ekufezekiseni 'ukubusa okuhle' kuyo yonke iMinyango Yezemisebenzi Yomphakathi. Kumele sikuqonde ukuthi ifinyelela kanjani iminyango esinqumweni sokuqalisa kokusebenza kwalezo zinqumo zokuqhuba imisebenzi kahulumeni kanye nokulawulwa kwezinsizakusebenza.

Ngakho- ke inqubo isho ukuthi kuzodingeka ukuba iminyango ibe nezinkontileka eziphusile nesebenzisana nabo futhi ihambisane namazinga athile njengalokhu ebekwe ngumphakathi kanye namanye amakhasimende.

Okuhlalukile ukuthi ukufadabala kweminye imiklamo engumongo kweminye iminyango kahulumeni eminyakeni eyishumi eyedlule kwakungenxa 'yokubusa ngendlela engeyiyo'. I-NAPROV PM & E Forum manje isihlola izinqubomgomo, izinhlaka kanye nezinqubo zayo zokubusa, ngenhloso yokugwema izehlakalo ezike zakhungatha eminye iminyango yezemisebenzi yomphakathi yezifundazwe maqondana nokuhlela, ukuqapha, ukuhlola kanye 'nokubika'.

Amathuluzi azosetshenziswa yisithangami kumele ahambisane nemigomo 'yokubusa okuhle' esingabala kukho ukuba nesibopho sokubika; ukumeleleka kanye nokubamba iqhaza; ukusebenza ngendlela efanele nangempumelelo; ukusabela; ukulandela umthetho obekiwe; ukuvuleleka kanye nokuba sobala; ukuziphatha ngobuqotho kanye nokuba nekhono. Izingxenye ezisemqoka zokubika zazigxile 'kumongo' womsebenzi womnyango wezemisebenzi yomphakathi okwakufaka iMiklamo Yokuhlinzeka Ngengqalasizinda, iMidwebo, imiklamo ye-EPWP, ukuThuthukiswa Komphakathi, ukuQamba Nokuqhamuka Nezinto Ezintsha kanye Nokuthuthukiswa Kwamakhono, ukuDidiyela kanye Nokuqapha Ukulandelwa Komthetho, ezoKwakha, ukuNakekela kanye Nokulawulwa Kwempahla Engagudluzeki. Nokho uhlelo lwezinsuku ezimbili olwalunonile lwalunezethulo kanye nezihloko okwakumele zidingidwe okubalwa kuzo iMibiko Yekwata maqondana Nokwenziwa Komsebenzi; uMbiko Wokuqalisa Kokusebenza kwe-NAPROV PM & E Forum eyayibanjelwe eMpumalanga Kapa; ukuHlolwa kwe- GIAMA; Imiphumela Yocwaningo Lwamabhuku-Jikelele maqondana neziNhloso Ebezihlosiwe; uHlelo Lomklamo maqondana Nemibiko Yonyaka kanye Nokwenza Isethulo esimaqondana Nohlelo Lokwenza Ngcono kwi- NAPROV PM & E Forum. Ukuhlela, ukuqapha kanye nokuhlola kuseyiyona nqubo ezolokhu yelekelela iminyango ekuphuculeni ukwenziwa komsebenzi kanye nokuzuza imiphumela. Inhloso yakho ngukuphucula ukulawulwa kwemiphumela, imiphumelangqo nomthelela wesikhathi samanje nowangesikhathi esizayo Isithangami sakhiwe ngendlela yokuthi bonke abasebenzi ababhekele ukuhlela, ukuqapha kanye nokuhlola kongoti bemisebenzi ethile abavela kuyo yonke iMinyango Yezomisebenzi Yomphakathi ezweni bayameleleka ezithangamini zangesikhathi esizayo. Inhloso ngukuqinisekisa ukuthi ithimba ngalinye labasebenzi beminyango yezemisebenzi yomphakathi likhulise amakhono alo okwenza umsebenzi, ukuxazulula izinkinga nokufezekisa izinjongo, ukuqhubeka nokuqonda kanye nokubhekana nezidingo zokuzithuthukisa ngendlela ebanzi futhi ezinzile. Ziyohlala ziba khona izinselelo kanye/noma imiphumela engemihle maqondana nokubusa okuhle. Lezi zinselelo zizovimbela ukusebenza ngempumelelo kombono kahulumeni 'wokulethwa kwezinguquko zezomnotho ezisheshayo'. Nokho, ikhona naleyo miphumela engemihle maqondana nokubusa okuhle engakwazi ukwenza abanye abasebenzi ukuthi bayisebenzisele ukuzihlomulisa ngayo. Lapha ngezansi kubalulwe okungekuhle okumbalwa okungenzeka:

Ukwehlukanisa ubunikazi kanye nokuphatha: Ezinye izimenenja zisemshikashikeni wokufezekisa izinhloso ezingahambisani nemigomo yeminyango eziyisebenzelayo. Ekugcineni lokhu kungalimaza umnyango kanye noHulumeni.

Abamele ikomidi eliphezulu eminyangweni ebhekele impahla bazithola sebenokushayisana kwezintshisekelo lapho kusolakala ukuthi bazama ukuzihlomulisa ngempumelelo kahulumeni kunokuba besebenzele ukukhulisa umnotho wabanikazi bamasheya.

Ukungathembeki kwabasebenzi: Kunoma yimuphi umnyango kahulumeni, ngokufanayo nasezinkampanini zezohwebo, kuba khona labo basebenzi abakwazi 'ukufinyelela' olwazini oluyimfihlo enkulu futhi okungelona okumele lwaziwe ngumphakathi.

Uma ngezizathu ezaziwayo kanye nezingaziwa, lolu lwazi lungeke lunikezwe abasebenzi ababhekele ukuqapha kanye nokuhlola, lokho kungasho ukuthi imibiko izoba ngengaphelele futhi ngalokho bese ithathwa ngokuthi ayilona iqiniso.

Ukunganikezi ulwazi oluyiqiniso: Kunezimo lapho abasebenzi ababhekele ukuqapha kanye nokuhlola besolakala khona ngokuthi bafake ulwazi olungesilona iqiniso olumaqondana nezimali noma nezinombolo emibikweni. Ukwenza okunjalo kudala ukudonseleka emuva kokubusa okuhle futhi ulwazi oluholela ophathe lungaholela ekutheni umnyango wenze izenzo zenkohlakalo.

Izindleko zokuqapha: Ngenxa yokusetshenziswa budedengu ngokweqile kwamandla abelwe ezinye zezimenenja kanye/noma abasebenzi 'kwezokubusa ngokubambisana' eminyangweni kahulumeni, sekusungulwe imithetho, izinqubomgomo kanye nemithethonqubo yokugwema ukungasetshenziswa kanye nokusetshenziswa kwamandla budedengu. Nokho, ukulandela imigomo yale mithetho kudla ephaketheni futhi kuletha ingcindezi eminyangweni eminingi.

Kube sekubekwa izindlela zangaphakathi zokulawula eminyangweni ngenhloso yokubhekana nezinhlelo zangaphakathi zokulawula ukuqinisekisa ukuthi izibalo kanye/noma izitatimende zezimali azidukisi futhi empeleni ziyiqiniso.

Ngakolunye uhlangothi, isithangami sifisa ukubona yonke imibiko ebhalwayo ikwazi ukukhombisa imihlomulo kahulumeni kwezomnotho.

Lokhu kuzoqinisekisa isithombe esihle, okuphinde kuchaze ukugeleza ngendlela kwezimali ngokuthi kwenze ukuthi kusheshe ukukhula komnotho ukuze kube nesimo esihle sezomnotho esifundazweni nasesizweni sonkana.

Uma labo abasebenzi kanye nabamele i- NAPROV PM & E Forum yowezi-2017 belandela izinqumo zokubusa okuhle, nakanjani yonke iMinyango Yezemisebezi Yomphakathi iyogcina isinalezi zinzuzo ezilandelayo zokuqapha, ukuhlola kanye nokubika okuhle: ubuqotho, amakhono obuholi nokuphatha anamandla kuzo zonke izindawo lapho edingeka khona; ukuba khona kwezinqubo zokuqapha, ukuhlola kanye nokubika, nokwenza imibiko esezingeni enokubandakanyeka kwabo bonke abasebenzi emnyangweni ngamunye; ukuba khona kwezinqubo zokukhombisa ukwenziwa ngcono kweqophelo kanye nokukholakala kwendlela yokubika; ukuphathwa kwehhovisi ngendlela ephusile; izibalo eziyizo futhi ezisobala kanye/noma izinhlelo zezezimali ezimaqondana nokubika kwangaphakathi kanye nokwangaphandle; kanye nokufaka isandla ekulawulweni kokwenziwa komsebenzi ngendlela engcono kwezokuphathwa kokuhlela, ukuqapha kanye nokuhlola.

Ukuhlela, ukuqapha kanye nokuhlola akumele nje kube yinto esemiqulwini kuphela, kudwa kumele kube nemiphumela ebonakalayo. I-NAPROV PM & E Forum igcizelela ukubaluleka kweqophelo, ukuhlinzekwa kwezidingo ngendlela ebonakalayo, okumaqondana nokufezekisa ukubusa okuhle.

Kuyaphawuleka ukuthi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi usuthathe isinyathelo sokusebenza kanzima maqondana nokubusa okuhle ukuze kusimame umnotho wezwe.

Kumele sivume futhi sincome umsebenzi omuhle owenziwe yi-NAPROV PM & E Forum selokhu yasungulwa. Sizoqhubeka siyiqaphe ngelokhozi inqubo yokuqapha njengalokhu siphokophelele ukubona isithangami esinenqubekela phambili ngonyaka wezi-2019.

NGISEBENZA
NGOBUQOTHO
NOMA NGINGALUSIWE

SERVICE DELIVERY HOTLINE
0800 596 596